# IziNkomfa

Manje-ke ukuzwa izimfakazo zenu, futhi ngingena emva kokuba sensimini, futhi ngizwa omunye efakaza. Ngijabula ngempela ukubona uMfowethu Jeffries. Ngimbiza ngoCreechy, lapho. Bengingazi ukuthi ubesemhlanganweni. Futhi ngiyazi lokhu kusho lukhulu kini, futhi, ekuveleni enkundleni yempi, ukuvela lapho khona izibani zikhanyela phansi; futhi ngingene phansi kwalesisimo sendawo esihle samaKristu nabantu bonke ndawonye, bekhululekile eMoyeni. Ngi—ngiyakuthanda lokhu, lapho abantu bekhululekile, benomuzwa okhululekile. Futhi kuyinto ethize ngakho. Asizami nje ukuzenza sitashi. Nje ba—nje. . .Babevame ukuba bathi, khumula ukhololo wakho futhi uzizwe usekhaya. Ngiyakuthanda lokho. Ngiqinisekile sonke siyakuthanda. Asikuthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nje. . .

2 Bengicabanga, ngenkathi ngibuka ngapha indodakazi yami, uRebekah. Ngikhumbula ngesinye isikhathi, ngisukile ngisemhlanganweni. Futhi wayesengumfo omncane ngempela ngaleyonkathi, yena. Futhi unodade omncane, mncane ngeminyaka emine. Futhi ngakho uBecky umehlo-aluhlaza futhi uthe ukuba mude, noSarah wayemehlo-ansundu futhi ethe ukuba mfishane. Ngakho bobabili babengamantombazane kababayi. Futhi ngibathanda ngempela abantwana, neNkosi yangipha abantwana abathize abahle.

3 Futhi ngakho babelindele ukungibona. Ngenkathi ngingena, babefuna ukudlala nami kancanyana. Ngakho ukozela kwangena emehlweni abo futhi baze bayolala, cishe sekulapha kweleshumi nambili noma elokuqala nqo. Nendiza ayingenanga kwaze kwaba lapha kwelesibili noma elisithathu ekuseni. Ngase ngingena ukuyocambalala, angangalala ubuthongo. Ngavele ngaphumela ekamelweni lokuhlala nje, ngahlala phansi esitulweni. Yihlaya elincane, kuthi ukuba yilo, ngibaxoxela lona. Futhi kwakuyi. . .

4 Emva kwesikhashana, ukusa kuyafika, noRebekah, lapha, wavuka, futhi wayazi ukuthi kwakufanele ngibe sekhaya. Futhi—futhi walunguza futhi wambona uSarah esalele. Ngakho wabuka phansi wayesengibona ngihleli ekamelweni, futhi nangu eza, washo ngelikhulu nje ijubane, wayesegxumela ethangeni lami, zombili izingalo. Futhi ngalesosikhathi, uSarah, udadewabo omncane, wavuka. Awu, wabuka, kodwa uBecky wayesevele emedlulile, kimi.

5 Ngakho ngithi ukuqhathanisa lokhu nebandla eselinesikhathi eside.

6 NoBecky wayethi ukuba mncane ngomzimba, enemilenze emide, futhi wayehlala kahle kakhulu ethangeni lami nezinyawo zombili zifika kwiphansi lendlu. Wayebhalansile, kahle kakhulu, niyazi.

7 Ngisho lokhu ukuthi ukwenzela umfowethu oyiMethodisti ngapha, sekuyisikhathi eside engapha, niyazi, futhi wathi ukukhula kancane.

8 Awu, uSarah wayemfishane kancane. Futhi angazi noma ngabe abantwana benu uyakwenza noma qha; owami uyakwenza. Omunye uyo, omdala uyothola into ethize entsha, khona-ke iyokwehlela kolandelayo, bese kuthi-ke yehlele kolandelayo. No—noSarah wayegqoke amaphijamu kaBecky. Futhi kwakuyilamaphijamu enziwe izinyawo zikanogwaja ababevame ukuba nawo, niyazi, athe ukuba makhulu, nezinyawana zakhe zazingawathwali kahle kakhulu. Ngakho waqala ukuhamba endlini.

9 NoRebekah washo wangigaxa ngezingalo zakhe, wayesejika, ebuka emuva kuSarah, wayesethi, "Sarah, dadewethu, ngifuna wazi ukuthi ngifike lapha kuqala." Wathi, "Futhi nginawo wonke ubabayi futhi akukho lutho okusalele wena." Awu, uSarah wazizwa ethe ukunyatheleka kancane, niyazi, ngakho izindetshana zakhe zehla.

10 Futhi kuthi ukungikhumbuza, mhlawumbe amabandla ekade lisemgwaqeni isikhathi eside, niyazi. Anayo yonke imininingwane yakho, futhi angahlala phansi nayo yonke isayense yezenkolo futhi ayichaze, futhi ayikhulume ngesiGreki, kanjalonjalo. Ngiqhathanisa lokho noRebekah.

11 Ngakho uSarah waqalaza, izindetshana zakhe zithe bohlololo, futhi waphenduka futhi waqala ukubuyela ekamelweni. Ngathi ukumcifela iso lami futhi ngamqhweba kanjalo, ngase ngikhipha omunye umlenze wami. Yilokho nje ayekulindele. Nangu eza, wagxumela kulomlenze. Futhi waye. . . imilenze omncane wawumfishane, niyazi, futhi wayengakwazi ukufinyelela phansi. Wayethi ukugomonqa. Ngakho nje ngavele ngamgaxa ngezingalo zami, ukumvikela ekuweni, ngamgona wasondela kimi. Wabeka ikhanda lakhe phezu kwesifuba sami wayesethi ukulala lapho kancanyana. Waqalaza uRebekah. Wathi, "Futhi Rebekah, dadewethu," uyabo, wathi, "ngifuna uqonde into ethize, nawe. Kungahle kube njalo ukuthi uwena obe lapho kuqala, futhi ungahle ukuba ubanaye wonke ubabayi. Kodwa, ngifuna wazi, ubabayi unami wonke."

12 Ngakho, ngakho kuthi akube ngaleyondlela. Niyazi, ngingahle ngingayazi yonke imininingwane. Kodwa inqobo nje uma Enami wonke, yilokho kuphela esikukhathalele. SiMvumele nje asithathe futhi asisebenzise ngendlela Afisa ngayo.

13 Impela ngiyakuthokozela lokhu kuhlala lapha, nalenhlanganyelo enhle phakathi kwalababazalwane abakahle, abefundisi, lonke ubambiswano lwezisebenzi eziqondene nabantu, nayo yonke into eyenziwe; ngeRamada, nangobambiswano lwabo oluhle. Futhi ngidabuka kuphela ukuthi nje kuyi—nje izinsuku ezine. Niyabo, uvele nje uthole ukubazi abantu, nabantu baqale ukukwazi, bese kuthi-ke—ke ufanele uhambe, ngayo impela inkathi ngempela into ethize isifanele yenziwe uku—ukumenza mkhulu ngempela uNkulunkulu.

14 Nezinto eyenzekayo, kungahle ukuba kube kusha kwabaningi benu, futhi ningakuqondi. Ningeke nachaza into ngobusuku nje noma obubili. Bese kuthi-ke emva kokuba usuthola ukuzinza, kusobala, ubungakwenza. Izinto eziningi ziqhubekile.

15 Nina belusi khumbulani, lokho, emabandleni enu, emavikini ezayo, kuyoba nabesifazane befika kini, bethi, "Uyazi, nganginokungahambi kahle kwabesifazane. Akusekho." Oyedwa, "Nganginenkathazo yesisu. Ayisekho." Ngeke ngakubiza konke. Kundawo zonke nje, ukukholwa nje kugxuma ndawo zonke.

16 Isibonelo nje, emizuzwini embalwa edlule, bekukhona i—indoda enyukela lapha yase—yase ibeka isandla sayo ehlombe lami. Yayisithi . . . Ngayibuka phezulu indoda. Ngacabanga, "Bengifanele uku—ngifanele ukuyazi leyondoda." Ngangiyibonile ndawondawo.

Yayisithi, "Uyangikhumbula na?"

Futhi, "Angikholwa ukuthi ngiyakukhumbula."

17 Ngakho manje-ke yathi, "Ngangisemhlanganweni wakho eSaskatoon, eSaskatchewan, ngo '40, cishe u '42, noma into enjengaleyo. Emuva le, iminyaka eminingi edlule."

18 Ngase ngithi, "Yebo." Ngacabanga, "Ngike ngayibona leyondoda ndawondawo, kodwa angikwazi ukukubeka." Ngakho sahamba, yaqhubeka, ixoxa.

19 Emizuzwaneni embalwa ngiqala ukukhumbula, ukuthi, ebusukwini obumbalwa obedlule, emhlanganweni, kwakukhona i—inenekazi, ngikholwa ukuthi lalithi ukuba ngowesifazane osenekhanda elimpunga emi emsamo.

20 Futhi ukuba bengizobheka iMpumalanga, okuyisiko ngempela ukuthi nje ngiyathanda ukubheka iMpumalanga, ngoba Uza evela eMpumalanga. Uma ngibhaphathiza, ngivame ukubabhaphathiza ngaleyondlela. Futhi kubukeka njenge . . . Njalo ngakwesokudla sami, ngoba njalo uma lokhu ukuKhanya kungena, Kuvela ngakwesokudla. Futhi ngakho njalo ngizama ukugcina abantu beza kimi ngakwesokudla. Futhi

ngisuke ngimi, ngokungathi *ngapha*, ngiyethemba, ngendawo eyiyonayona manje, indlela indlu ehlezi ngayo enhle lapho.

21 Futhi phansi ngakwesokunxele sami, ngaqaphela, kumi eduze kwami, owesifazane osemncane kakhulu kunowesifazane owayemi phambi kwami. Futhi wayembethe izingubo zokugqoka eziphinki. Okwehlukile kowesifazane emi lapho. Ngangilokhu ngiqaphela, ngase ngigoba phansi. Futhi nga . . .

22 Ayikho indlela yokukuchaza. Udingeka nje ukuba ukukholwe. Yilokho kuphela.

23 Ngabheka phansi. Kwakunenekazi lihlezi phansi *lapha*, ngakwesokunxele sami ngqo, futhi lalithi ukuba yi . . . Ikhona into eyayingalungile kulo. Ngase ngibheka emuva, futhi-ke lapha kwakumi indoda eduze kwalo. Ngacabanga, "Kukhona into exakile." Futhi ngangizama ukugcina umqondo wami kowesifazane engangixoxa naye.

24 Ngoba, niyabo, mhlawumbe, uma ubhekisisa into ethize yenzeka, uyabo, ingahle ukuba itshela *lona* wesifazane lokho *lona* wesifazane ayenakho. Niyabo? Ngakho, wena, impela ku . . . NoSathane ulele khona lapho ngawo onke amathuba angawathola. Ngumusa kaNkulunkulu nje, niyabo, ukuthi Uvumela lokho kwenzeke.

25 Kwase kuthi-ke nga—ngabheka. Ngibone lona wesifazane ethe uku . . . Lo owayemncane kakhulu kunomunye. Nowesifazane oyedwa wayethe ukuba yi . . . Wayedabukile, ephazamiseke ngokwengqondo. Nomunye wesifazane wayenolunye uhlobo oluthize lokuhlupheka kabi ngempela. Kwase kuthi-ke lendoda . . .

26 Futhi ngithola ukuthi, kulokhu ukusa, ngenkathi ngimi lapha, bekuyileyondoda. Ngase ngithi, "Awunayo inkosikazi e—egulayo, ephazamiseke ngokwengqondo, ecindezelekile, ngokunjalo na?"

Yayisithi, "Yebo."

27 Ngase ngithi, "Ngabe yayise mhlanganweni yini, ngobusuku bakuthangi, futhi yahlala phansi ngakwesokunxele sami, igqoke olunye uhlobo lwengubo ephinki noma into ethize na?"

Yathi, "Yebo."

28 Nalowo kwakunguye. Futhi ngayikhumbula kanjalo-ke indoda. Ngikholwa ukuthi ngi . . . Ngikholwa ukuthi ngalibhala igama layo phansi. Ngithola, angisakhumbuli kahle kakhulu. Umelusi uM-a-c-k, wayehleli khona lapha ndawondawo. Futhi nalokho kwakuqinisile, kwakungaqinisile na? Futhi wangitshela, wathi, "Umkami, iminyaka eminingi eyedlula, wayesemhlanganweni wakho, futhi waphiliswa ngaso leso sikhathi ngesimangaliso owawumtshela ngaso, futhi umtshela ngezinkathazo zakhe. Futhi waphiliswa ngaso lesosikhathi;

nezininingi, izikhathi ezithi azibe mbili, isifo segazi esiyimvela kancane, nezilonda, nezinto ezinjalo."

29 Manje, niyabo, okwenzekayo, ukuba bengingazama ukunibonisa engikushoyo. Inenekazi lalinokukholwa. Niyabo? Nokukholwa kwalo, lalikholwa, kodwa nokho mhlawumpe lingenalo ikhadi lomkhuleko noma lutho. Kodwa lalikholwa, futhi mhlawumbe linamandla kunoma inenekazi lalinjalo, lihlezi phambi kwami.

30 Futhi manje, ngiyakholwa, wathi umkakhe uyangena. Futhi uma ngingaphosisi, lowo nguye ohlezi lapho ngqo eduze kwendoda. Futhi yilowo owesifazane. Yilowo owesifazane. Ukumbheka, yilelo—yilelo inenekazi, kulungile.

31 Manje, niyabona ukuthi ukanjani u—umusa kaNkulunkulu, kulokho na? Inenekazi, empeleni, ngempela lakholwa ngayo yonke inhliziyo yalo. Nokukholwa kwalo kwakukukhulu kakhulu kunomuntu emi lapha, kwaya kulo. Kusobala, manje, yase-ke ingibuza indoda, yathi, "Mfowethu Branham, ngabe ikhona into engalungile kanzima ngomkami na? Ngabe uzosinda noma okuthize na?"

Ngathi, "Mnumzane, angazi."

32 Uyabo, nguwe owenza lowo mbono. Ukukholwa kwakho uqobo kwenza lokho. Uyabo? Ukukholwa kwakho kuyakwenza, hhayi okwami. Ngokwakho. Uyabo?

33 UJesu, emi lapho phambi kwalabobantu, nalona wesifazane wathinta ingubo yaKhe. Wayengazi ngisho nokuthi Wayethintwe ngubani. Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Manje, uJesu wayengeke asho noma yini ukuba ayisho nje. Yena, ngempela, Wayengazi ukuthi ubani owakwenzayo. Futhi Waqalaza, phezu kwezethameli Waze wamfumana lowo wesifazane. Niyabo? Wayesemtshela-ke ngokuthi kukholwa kuni ayenakho.

34 Manje, mina, ngeke ngazi. Bese kuthi-ke ngezinye izikhathi . . . Niyabo, lokhu akuchazwanga, ngiyethemba. Kodwa manje, niyabo, lokho wena, oyikho, ukuthi yini engalungile ngawe, lowo nguMoya oNgcwele wembula lokho. Futhi ngezinye izikhathi ngiyakubhekisisa, kuphenduka kube mnyama, sasithunzi. Angisho lutho nje, ngoba mhlampe ukufa. Futhi ngakho ngithi nje, "Hamba, iNkosi ikubusise."

35 Futhi mhlawumbe, uma behlala isikhathi eside ngokwenele, nje balinde lapho, babone ukuthi iNkosi ithini. Bese kuthi-ke yilokho Ekushoyo. Manje, yilokho-ke, ukuthi umbono ukhombisile ukuthi yini engalungile ngawe, noma ukuthi wenzeni. Kodwa manje-ke hlala uthule du futhi ulinde. Ngiqaphela abantu besuka bahambe nje. Niyabo? Hlala uthule du. Yima lapho nje futhi ulinde, bese ubona ukuthi Ithini, bese uthola-ke.

36 Uma kubuya, futhi ngibona umbono walokho ozoba yikho wena. Lokho kukhombisa obuyikho wena. Manje-ke, uma ngingabona lokho ozoba yikho, uzokuqaphela, njalo kungu ISHO KANJE INKOSI. Bese kuthi-ke, bese ukumaka phansi lokho, futhi ubone uma lokho kungenzeki kanjalo nje. Akusoze kwehluleka, uma umbono.

37 Nakhu okuyikho. Nginokwethemba. Uma umbono ufika, wangitshela, kulokhu ukusa, ukuthi uGeorge Washington ubezovuka aphume emathuneni omongameli, ukuba mina ngiye lapho futhi ngimbize, bengizomema izwe ukuba lize libone kwenziwa. Kunjalo. Bekungeke kwehluleke. Ngeke kwehluleka. Akukaze, futhi akusoze, inqobo nje uma ungazami ukusebenzisa ukuzicabangela kwakho. Futhi manje izikhathi eziningi . . .

38 Ngicabanga ukuthi sonke singamaphentekoste lapha, kulokhu ukusa. Asisiwo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Izikhathi eziningi, lapho engicabanga ukuthi abantu bathola khona ukuba nomdlandla, niyabo, nithola uzicabangela ukuthi iNkosi yasho *ukuthi-nokuthi*. Futhi ukusho, kube ngempela kungesikho. Nalokho bekungaba yiphutha ukusho lokho. Niyabo? Linda uze wazi ukuthi uNkulunkulu ukhulume ngokuyikho du, futhi kuzoba ngokuphelele ngaso sonke isikhathi. Kodwa uma nje uzicabangela ukusho lokho, ungahle ukusho, kodwa . . . Futhi uma wenza lokho, lokho kubangela into efana nokuzifanisa kwenyama. Futhi wena, ngempela, mfowethu, dadewethu, akumsizi uNkulunkulu; kuvimba uNkulunkulu. Niyabo? Futhi mhlawumbe uNkulunkulu ukubizela ukuba ube ngu—ngufakazi noma enye into. Bese-ke uhlala ngokwethembeka kulokho uNkulunkulu akutshela ukuba ukwenze. Yiba ngufakazi weqiniso.

39 Manje, lona bekungumhlangano omkhulu, esinye sesixheke esihle kakhulu sokukholwa emva kwami, salabo befundisi, engake ngahlala naso. Nabantu laphaya ezethamelini ubeyisimangaliso. Futhi ngiyadabuka kuphela ukuthi sizodingeka nje sivale sisuke ngokushesha kakhulu ngalendlela. Kodwa ngiyethemba, ngolunye usuku, uma kuba yintando yeNkosi, ukubuya.

40 Ngiqagele imenenja lapha, uMfowethu Borders, wethulwe kubantu, futhi ngiyathanda nje ukuba asukume. UMfowethu Roy Borders ubenami emzabalazweni omkhulu omningi. Ungama nje, Mfowethu Borders. Uzithobe kakhulu. UMfowethu Borders akakwazi lokhu, kodwa kungishayile futhi. Ngizomtshela manje. Futhi uMfowethu Borders uyindoda egulayo. Ngizofanele ngihlangane naye futhi ngihambe—hambe naye, emva kwalenkonzo kulokhu ukusa. Mfowethu Borders, ngithemba ukuthi akukwethusi. Kodwa iNkosi ifanele ithinte uMfowethu Borders, khona masinya. Unevalvu evalekayo enhliziyweni yakhe. Kunjalo impela. Angikaze ngikhulume

naye nganoma yikuphi okwedlula eningibona emsamo, kodwa lokho kuqinisile.

41 Ngizotshela lona wesifazane uMoya oNgcwele usekimi, futhi ngizofanele ngiyeke-ke, niyabo, ngoba nje kuqala ukunyakaza. Lelinenekazi elihlezi ngapha manje, libheke *ngapha*, leyondoda icelile. Akukho lutho olunzima. Ngukushintsha kwempilo, ukunqamuka ukuya esikhathini nje, okukhandlayo, ukuzwa okudinanayo, futhi kuxubene konke. Uzobakahle. Ungesabi. Uyabo? Kuyilokho nje. Manje, uMoya oNgcwele omkhulu, eBukhoneni baKhe!

42 Nginentombazanyana lapha lendoda ekhulume ngayo nje, nginezinto ezithize ezibhalwe phansi lapha. I—intombazanyana ihlinziwe, ePhoenix, izolo, inso yasuswa, noma okuthize, yasebandleni likaMfowethu Outlaw, indoda ekuyoyonke indawo engihamba kuyo. Uma kusohlwini lwekhulu, noma amabili, amamayela, indoda ithamela yonke imihlangano. Nelinye lamalunga enhlangano yebandla layo lilapha kulokhu ukusa. Nentombazanyana ihlinziwe, ngethumba elisensweni, futhi yisimila. NguNkulunkulu kuphela ongasindisa leyompilo yomntwana.

43 Intombazane encane eyisithulu uMfowethu Jenkins akhulume ngayo! O, baningi kakhulu nje ogulayo nodingayo.

44 Futhi manje, ngaphambi nje kokuba siye engxenyeni yokukhuluma yenkonzo, ngithanda nje ukuba sikhuleke umzuzwana. Asikhothamise amakhanda ethu. Futhi uma zikhona ezinye izicelo, phakamisa isandla sakho nje.

45 Baba wethu waseZulwini, siyafundiswa, emiBhalweni emikhulu yobuNkulunkulu, amaZwi kaNkulunkulu aphefumulelwe, efakwe ekushicilelweni, ukuthi, "Siyobe sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu." Futhi siyakuzwa lokho kulokhu ukusa, ukubona i—iqembu labantu eliqonde eZulwini, lenziwe ngawo onke amahlelo ehlukene, lihlezi ndawonye. Ukubuka phandle phezu kwabo futhi ngibone amanye amadoda endala kunami, ezinye izinsizwa ziza; futhi nje njengamaqabunga nezimbali, nayo yonke imvelo isebenza, okudala kusuka nokusha kungena. Baba waseZulwini, siyaKubonga ngoMoya oNgcwele, osipha lesisiqiniseko esikhulu, ukuthi ngolunye uSuku olukhulu siyobonana futhi.

46 SiyaKubonga ngamandla aKhe amakhulu. Usiza ubuthakathaka bethu. Futhi sikhulekela lentombazanyana ebe—ebenalelithumba elikhishiywe ensweni, futhi lingumdlavuza. Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kulentombazanyana. Ngiyacabanga, ukuba-ke bekungumntanami na? Yisithandwa somunye umuntu. Ngikhulekela ukuthi Uzoyiphilisa. Kwangathi amandla kaSathane angasuswa kuyo. Kwangathi lowomntwana angaphilela inkazimulo kaNkulunkulu.

47 Busisa, ngiyakhuleka, kulokhu ukusa, encane, intombazane eyisithulu ephathiweyo. Ngikhulekela ukuthi Uzobuyisela ukuzwa kuleyontombazanyana, intombazane kaJenkins encane.

48 Ngikhulekela, Baba waseZulwini, uMfowethu Borders, umfowethu oligugu, njengoba sibona uSathane ezama ukumsusa ensimini. Nkulunkulu, simbiza ngenxa yoMbuso.

49 Futhi sikhulekela zonke lezizicelo ezikhethekile. Nalelinenekazi ngobunye ubusuku limi lapho, lokho kukholwa kukhuphuka, manje Usukuchazile kulo, Nkosi, futhi manje kuzolunga konke. SiyaKubonga ngalokhu. Siyakhuleka ukuthi Uzoqhubeka nokuba nathi.

50 Busisa lababefundisi. Busisa wonke osizile; abashayi bezinsimbi, labosicula ngabane abancane abaculile, nosicula ngabane basebandleni ngapho, lezozinsizwa ezinhle, ngenenekazi elisinika ezikhethekile. Nazo zonke lezizinto, Nkosi, zi—zinkulu kakhulu ukuzikhumbula emqondweni wethu, kodwa Wena uzazi zonke.

51 NgaleRamada Inn, ngaleyondoda ekahle eme lapha emizuzwaneni embalwa eyedlule, futhi ithi, "UNkulunkulu akubusise." Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi kuzophendukela kuyo, nokuthi sengathi inga, Nkosi, gcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ibe ngufakazi omkhulu ezweni, kaJesu Kristu, into enkulu kunazo zonke ebingenzeka, Baba.

52 Manje sikhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu Tony nalamadoda akahle lapha, ngisho nangokuba ngamalunga nje ebandla. Futhi, nokho, ayazama, iBusiness Men, bazihlele ndawonye, ukwenza omunye ufakazi. Nkulunkulu yipha imizamo yabo, bagcwaliswe ngoMoya futhi bebona okufihlakeleyo kokwazi ukuthi abenzeni nokuthi benze kanjani ukusebenzela iNkosi uJesu.

53 Busisa uMlayezo kulokhu ukusa, Nkosi, njengoba ngikhuluma. Futhi ngikhulekela ukuthi UzoWugcoba ngezibusiso zaKho. Futhi uma sesimuka, singasho njengalabo ababevela eEmawuse, "Izinhliziyo zethu bezivutha endleleni."

54 Manje-ke, Baba, uma kuba nomuntu ongasindisiwe phakathi lapha, lowo ongakwazi Wena, noma nje ilunga lebandla, kwangathi amandla amakhulu kaMoya oNgcwele angembula kubo isidingo sabo namhlanje sensindiso ngendlela kaNkulunkulu efaneleyo, indlela kuphela, uJesu Kristu, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

55 Ngiyanibonga futhi. Into eyodwa engikhohlwe ukuyiphatha, esikhashaneni esedlule. Ba . . . UMfowethu Tony, lapho ephuma eya emotweni izolo kusihlwa, uthe . . . Ngithe, "Angizange ngibheke i . . ." Sengibe senkonzweni manje iminyaka engamashumi amathathu nantathu. Ngeluse itabernakele eJeffersonville iminyaka eyishumi nesikhombisa, angikaze ngibe neholo elingupeni owodwa. Futhi angikaze ngithathe mnikelo,

zonke izinsuku zokuphila kwami. Angikaze ngiwuthathe, angihlosile neze ukuthatha owodwa. Futhi izolo ebusuku uMfowethu Tony uthe bebe . . . Ngathi, "Uzenzile izindleko na?"

56 Ukuqonda, ngenkathi ngihlangana nalomfowethu okahle, uBrock. Futhi ngabe ngilibize kahle lelo, "Brock"? NoMfowethu Gilmore, nabanye babanye abazalwane enhla lapho, ngobunye ubusuku. Ngathi, "Manje, babuza ngesimo sezimali." Ngathi, "Noma ngabe ziyini nje izindleko, yilokho kuphela okukukho."

"Awu," wathi, "sifuna ukukuthathela umnikelo."

57 Ngathi, "Qhabo, qhabo. Ningakwenzi lokho. Ngi—ngithola—ngithola amadola ayikhulu ngeviki ebandleni lami nalokho kuyakunakekela," ngathi, "mina, yilokho kuphela engikudingayo. Mina, angidingi lutho, niyabo." Mina, ngicabanga ngengale ngaphesheya, Lapho, into ethize Laphaya. Futhi ngiyazi ukuthi—ukuthi ngazama ukugcina inkonzo yami . . .

58 Baningi kakhulu ozile, nemenenja, bethi, "Mfowethu Branham, kufanele kube sezibanini ezigqamile."

59 Nomongameli weFour Rose Whiskey wayengale endaweni yethu, lapha ngesinye isikhathi esedlule, futhi waletha indodakazi yakhe. Futhi wathi, o, intombazanyana yayifuna ukuphiliswa. Futhi yathi yezwa ngakho, futhi yona izoba nokuhlinzwa. Futhi ngakho bathi . . . O, yayifuna ukuza neno. Yayingafuni ukuhlinzwa.

60 Awu, yagijimela phakathi ngqo ngisakhuluma, yayifuna ukukhulekelwa ngayo leyonkathi, yayifuna ukuba kahle ngaleyonkathi. Awu, manje, ayikwazanga ukuhlala. Umama wayo wayeyilandela. Ngakho umama ufika kwingemuva lekamelo, wahlala phansi nalokho kubuka kokuzidla. Ngakho-ke senyuka, sayikhulekela intombazanyana futhi yabuyela emuva.

61 Awu, ezinsukwini ezithi azibe mbili emva kwalokho, udokotela wayeshilo, wathi, "Kulungile. Isigejane sobuwula." Wathi . . .

62 Kodwa yathi, "Qhabo, ngizizwa ngikahle. Akukho sishiso se aphendiksi kimi. Ngikahle futhi ngikahle kakhulu."

63 Ngakho-ke baqhubeka, izinsuku ezine noma ezinhlanu. Emva kwesikhashana . . . Niyabo, njengoba ngikuchazile nje, emva cishe kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, lolo phawu lwesifo lubuye lwenzeke futhi uma ngempela uphilisiwe, niyabo, ukuphiliswa. Angikhulumi ngezimangaliso. Futhi lwaphinde lwenzeka ngoba iaphendiksi iqala ukukhukhumala. Nodokotela wathi, "Manje, uyabo? Manje kungcono uyolanda lowomshumayeli ongumgqingqiki ongcwele futhi."

64 Ngakho-ke, akahlinzanga. Kodwa, kusobala, ngenkathi kwakukhona cishe amadola angamakhulu ayishumi nanhlanu abandakanywayo, wa—wa—wayengakwenza. Wathi wayengeke, kodwa wakwenza. Kwenzeka ukuba kube nomngani wami kulezozinto, ukuthi, ngenkathi besusa, beqhaqha intombazane, ukuba bakhiphe iaphendiksi, kwakungekho lutho olungalungile. Niyabo? Bahlinzela ubala. Bavele nje bayishiya lapho iaphendiksi, ngoba yayingaphazamisekile ngisho nangandlela. Nodokotela uyafika, wangitshela ngayo, umngani wami kulezozinto, owasiza ukuhlinza.

65 Manje niyabona ukuthi kwakuyini. Yayixhuxhume ngakho konke futhi yayingazi nje ukuthi izobambelela kanjani kulokho kukholwa. Niyabo? Futhi lapho asilitholi ithuba lokuchaza lokho. Manje-ke lokho kwenze i . . . Umngani wami ongudokotela watshela umama, futhi wathi, "Iaphendiksi isalokhu ikhona." Bathi, "Yayindinga leyoaphendiksi, futhi yayingonakele. Kwakungekho lutho kuyo, nhlobo, nje iphila ngokujwayelekile ngokuphelele, iphinki; nje, o, njengoba ifanele."

66 Nomama waba yikholwa. Manje-ke uthi kimi, "Okudinga ukwenziwa, ngukuthi, inkonzo yakho, ayisikho ukuhlala phansi ekhoneni nesigejane sa—sabantu abajwayelekile nje. Ifanele ibanikiswe ezweni lonke ndawozonke, ifanele ibe semabhodini ezikhangiso." Manje yilokho nje udeveli akufunayo. Kunjalo. Niyabo? Kodwa, qhabo, angikufuni kanjalo.

67 Ngi—ngiyifuna ukuze ngikwazi nje ukuvakasha nomaphi, ngenze noma yini. Noma yikuphi lapho iNkosi ibizela khona, yilapho engifuna ukuya khona. Nje lapho Eyigcina nje khona ithobekile, futhi sivumele iNkosi isiyise lapho Efisa ukusiyisa khona.

68 Futhi manje, kinina bantu, uma ni . . . okhulekelwe, uma u . . . Emva cishe kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, ukubola kuyangena. Siyakwazi lokho. Ukubola kuyangena emva kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili. Uma into ethize iphinda yenzeka . . . Uma ukukholwa ngempela lokho, ngayo yonke inhliziyo yakho, akukho okuzokumisa. Uyakukholwa, noma kanjani. Hlala nakho ngqo. Kuzolunga. Unga . . .

69 Kodwa ngeke wakukhohlisa manje. Ufanele ngempela ukwazi, ukuthi kwenziwe. Uyabo? Kunenqwaba yomehluko phakathi kwethemba nokukholwa. Ithemba liyakwethembela nje. Ukukholwa kuyazi ukuthi kwenziwe. Ngakho, yilowo umehluko.

70 Manje, kulokhu ukusa, angifuni ukunihlalisa. Sekuvele kungeleshumi nqo, futhi, niyabo, cishe imizuzu iyisithupha emva kwalo, ngaleliwashi uBilly anginika lona.

71 Futhi manje ngifuna ukufunda ivesi encwadini kaIsaya, isahluko 1, okweziphawulo ezincane nje. Futhi ngineminye imiBhalo elotshwe phansi lapha, engingahle ngithathisele kuyo. Futhi nje nginihlalise cishe imizuzu engamashumi amathathu, khona-ke sizobe sesilungela ukuhamba, iNkosi ithanda. UIsaya, isahluko 1 nevesi 18.

> *Wozani-ke manje, sithethe indaba, isho iNkosi: noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba...mhlophe njengeqhwa; noma...zibomvu njengokububende, siyakuba* mhlophe *njengoboya bezimvu.*

72 Manje, iNkosi ayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Futhi ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *Izinkomfa*. Ukubamba inkomfa!

73 Nkosi, busisa iZwi manje, futhi kwangathi izimbewu zingawela ezinhliziyweni zethu, lapho esinesidingo khona. Futhi, Nkosi, sengathi eyami ingavuleka, nazo zonke lapha, ukuze siqonde ihora esiphila kulo nokuthi sifanele senzeni. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

74 Ngikhuluma ngezinkomfa, si—sizwa ngeziningi kakhulu zayo ngalezizinsuku. Yonke into inkomfa. Futhi, ngokukhuluma ngokusobala, yilokho esikukhonela lapha kulokhu ukusa phakathi, yinkomfa. Futhi sizwa okuningi kakhulu ngazo, nezindawo eziningi kakhulu ezehlukene ezibanjelwa kuzo, izinto eziningi kakhulu efezwe yizinkomfa. Ngicabanga ukuthi iyinto esifanele siyenze, ngukuba nenkomfa. Futhi ngokwejwayelekile, uma zibanjwa, ngezikhathi eziphuthumayo. Ngokwejwayelekile uma kukhona o—okuphuthumayo, khona-ke nibamba inkomfa. Nibiza inkomfa esheshayo. Futhi sicabanga ngayo kuleso izikhathi.

75 Manje, lapha, abaningi benu bangayikhumbula i... isibonelo nje, inkomfa esaba nayo ngesikhathi esinengozi sezwe, ngenkathi iJalimane nalo lonke izwe lalisempini, ngenkathi uMengameli Roosevelt wayengumengameli weUnited States. Futhi—futhi kwakukhona amanye amane amakhulu, bakubiza kanjalo. Bayibamba, ababeyibiza nge "Nkomfa yaMane Amakhulu," kaChurchill. Futhi bahlangana ndawonye, futhi babefanele babe nalena abayibiza ngeNkomfa yaMane Amakhulu ezwe elikhululekile, ngenxa yokuthi babefanele bahlangane bese behlanganisa imibono yabo ndawonye, bese bengena emaswini namacebo okuphamba andawondawo, ngoba isitha sasiqhubeka, futhi si—sifanele simiswe.

76 Futhi manje-ke ba—babezohlangana ndawonye, ukuze bakwazi, njalo abahlakaniphe kunabo bonke bamaqembu. Futhi manje-ke omunye wayezothola umbono womunye, nombono womunye, bese-ke bewuhlanganisa ndawonye, futhi babone ukuthi baphuma nani. Leyo kwakuyiNkomfa yaMane Amakhulu. Nalapho ababefanele babuyele bagadle, lapho

befanele babeke khona izimpi zabo, ezangempela, njengeMpi yesiHlanu, neMpi yeSine, neMpi yeShumi, kanjalonjalo, nokuthi babengasebenza kanjani ndawonye, nalapho isitha sasinezizinda zaso eziqinile.

77 Futhi uma niqaphela, bazama njalo ukushaya lowomgogodla. Lowo ngulayini wempilo. Futhi kuhlala kunjalo, kushaya isitha! Uma ufuna ukusibulala, ufanele usishaye endawaneni ebalulekile. Uma ungakwenzi, awusibulali. Futhi ngakho ngakho-ke, into eyodwa nje ukuba yenziwe.

78 Njengokuhlela umhlangano nje. Ukuba besingathatha u—uMbuso kaNkulunkulu, njengoba amadoda ishilo isikhathi esiningi, enkonzweni, futhi njengokuphinda ngicaphune owesifazane, wathi, "Uma ubungathatha futhi uhlanganise abantu abakhulu ndawonye, imiqondo emikhulu, bese ukubeka ndawonye, bese-ke ukushaya kusukela lapho." Kodwa, uyabo, ushaya into engafanele. Uyabo?

79 Uma ngingahlanganisa abefundisi, uma ngingahlanganisa iqembu lamadoda kaNkulunkulu asindisiwe ndawonye, futhi ngiwabonise amandla akuKristu Jesu, ukuthi—ukuthi ngempela Uphila ezinhliziyweni zethu, futhi angayazi imicabango yengqondo, futhi asho phambili, futhi asho ngaphambili, futhi—futhi akwenze kuphelele, khona-ke labobefundisi bayophefumulelwa futhi bayokuthatha bakuyise kubantu babo. Futhi niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nanso indawo yokugadla, lapho izibhamu zihlezi khona manje.

80 Futhi kwaMane Amakhulu babenaleyonkomfa enkulu. Manje-ke saba nenye inkomfa eyayibizwa ngeNkomfa yaseGeneva. Ngiqinisekile abaningi benu bayakhumbula ngenkathi babedingeka babene—neNkomfa yaseGeneva. Futhi kwakukhona enye eyayibizwa ngeNkomfa yasePerisi, ngenkathi behlangana ePerisi. Injalonjalo nje, ngaso sonke isikhathi, inkomfa emva kwenkomfa emva kwenkomfa, behlangana ndawonye, ngoba isidingo sikhulu empilweni kazwelonke. U—ubuchopho bezwe bubonakala buhibelene kakhulu ngangokuthi awazi nje ukuthi kuphi, ukuthi wenzenjani. Nomhlaba wonke wesabela ukufa khona manje.

81 Kungikhumbuza ngomfanyana eya ekhaya ebusuku obumnyama, edlula emathuneni, eshaya ikhwela. Ushaya ikhwela nje ngawo onke amandla akhe, ngoba ubiza ukukhohlisa nje, kuye uqobo. A—a—akafuni ukucabanga ukuthi uyesaba, kodwa ushaya ikhwela ukuzama ukuzikhulula. Kodwa phansi ekugcineni kwakho, uyesaba, "Emva kwawo onke amatshe amathuna kunomkhovu." Noma, niyabo, uyesaba, futhi ushaya ikhwela ukuthi nje ukuzithulisa yena.

82 Futhi yingakho sinomningi umbhedo namhlanje emsakazweni nethelevishini, wabantu, njengabantu onamathalente, abaculi njengoErnie Ford noElvis Presley,

labobafana othengisa ngobuzibulo babo ngenxa yokudlanyana. Baphumela lapho, futhi eniba yikho kuphela yingcweti yamahlaya, noma nisho amanye, noma—noma into efana naleyo, ukwenza umphakathi waseMelika uhleke. Kanti, niyazi nizama kuphela ukubathulisa; futhi niyazi, emva kwakho konke, siyazi ukuthi ukwahlulelwa sekuseduze. Kunjalo. Ningavele nje nibhekane nakho. Sisekupheleni komgwaqo, bazalwane. Futhi onke amahlaya kaErnie Ford, nemiculo kaElvis Presley yokuzibinya, nazo zonke lezizinto, ngelinye idili likaNebukadinezari. Akuzukwenza nokuncu okuhle. Ukwahlulelwa kuzogadla.

83 Lesisizwe sesifike endaweni efanayo njengeSodoma neGomora. NoNkulunkulu olungileyo, ubengadedela lelizwe lizedlulele nalokho elikwenzayo manje, njengoNkulunkulu olungileyo Ubeyobophezeleka ngesimilo ukuvusa iSodoma neGomora futhi axolise ngokubashisa nya, kunjalo, uma sizedlulela ngaphandle kokwahlulelwa. Kodwa, khumbulani nje, kuza kithi.

84 Balekelani eDwaleni ngokukhulu ukushesha eningakwenza. Ningakuhlehlisi. Ninganaki ukuthi konke lokhu, ukujoyina ibandla nesivumokholo kanjalonjalo. Yenzani njengalababazalwane beMethodisti lapha: balekelani eDwaleni kuze kwenanele into ethize, ukuthi nibona uKristu ebonisa. Kungahle kunishaye kancane. Ngezikhathi zakudala zeBhayibheli, ngenkathi bona, i . . .

85 Kulezizinsuku, lapha kulesisifundazwe segolide saseArizona, kudala, babenezincibikalisi manje ukuncibikalisa kukhishwe insimbi nomtapo okhipha insimbi, okubizwa ngegolide-mbumbulu, bese bencibikalisa lokho bakukhiphe egolideni langempela, ngesincibikalisi.

86 Ezinsukwini zakudala, indlela kuphela ababenayo yokulehlukanisa kwakungumshayi, ashaye igolide ngesando, njengoba amaNdiya elishaya. Nendlela kuphela umshayi ayazi ngayo ukuthi wayesenegolide selilungele, kwakungenkathi lapho eshaya onke amanyela aphume kulo. Futhi wayelishaya, abuye aliphendule, futhi alishaye, futhi alishaye, kuze kuphume onke amanyela. Lapho esebone ubuyena uqobo bubuye bubonakala e—egolideni, wayazi-ke ukuthi lonke uthuli, nensimbi, nezinto ezixakile kwase kuphumile egolideni.

87 Futhi yileyondlela uNkulunkulu azama ukwenza ibandla laKhe ngayo, ngukulishaya kuze kuthi zonke izivumokholo, nombedo, nalolonke izwe, kushaywe kushishwe kulo, lize libuye libonise ukuPhila kukaJesu Kristu. Khumbulani, ibandla! Ngisanda kuphuma nje emhlanganweni omkhulu ekhaya, lapho iziMpawu eziyisithupha, naloloPhawu lwesithupha . . . noma, iziMpawu eziyisikhombisa. Nalolo lwesithupha lalingukuhlanjululwa kwebandla. Ibandla, kusobala, ledlula

khona esikhathini sokuHlushwa ngokuhlanjululwa kwalo. Kodwa, uMlobokazi uyahlwithwa, ngumehluko phakathi koMlobokazi nebandla.

88 Ngithemba ukuthi angitholi ukufakwa kwemfundiso lapha manje. Uma ngisho noma yini eningayikholwa, ngani, yenza njengoba ngenza uma ngidla uphaya wokusamathunduluka. Ngi—ngiyawuthanda uphaya wokusamathunduluka. Kodwa uma ngizithela enhlamvini, angiwulahli neze uphaya; ngilahla inhlamvu nje. Ngakho yenza into efanayo. Ukudla inyama yenkukhu, uma uzithela ethanjeni, awuyilahli inyama yenkukhu, ulahla ithambo nje. Uma ngisho into eningayikholwa, lahlani ithambo nje, niyabo.

89 Manje, kodwa kunokuphuthumayo, futhi kukhona isikhathi esinengozi, futhi njalonjalo kubizela umengameli ekugcineni, ezinkomfeni, futhi bazofanele bahlanganele *lokhu* noma *lokho*. NeCuba izondiza iye phezulu, khona-ke bazofanele babize inkomfa. Nenye into ethize izondiza iyephezulu, bazofanele babize inkomfa. Konke esizwa ngakho, cishe, inkomfa.

Benzani enkomfeni na? Yakhiwa kanjani na?

90 Into yokuqala, babiza ndawonye, bese-ke beqoka indawo ethize. EGeneva, ngike ngaba lapho. Leyo nge—ngenkulu, indawo enhle. Futhi ngokuvamile bazama ukufinyelela endaweni ethi ukufakana ugqozi, ukuze bafinyelele lapho, bese-ke beqoka lendawo, babize onke amadoda amakhulu kulendawo eyodwa. Bese benza i . . . Anginakho okulotshwe phansi lapha. Yayikuphi leyondawo eSwitzerland, sehlela lapho, Billy na? Lapho be . . . Leyo yayiseGeneva, yayingekho na? Futhi ngicabanga ukuthi kwakuyizwe elihle. Angilibhalanga phansi i—igama laleyonkomfa, kodwa ngiyakhumbula ngilapho. Futhi bayahlangana futhi babe nalezizindawo, futhi baqoka abedlula bonke abangabaqoka, bese besebenzela phezu kwayo.

91 Manje, lokho kungokwezwe. Nanoma yini engalungile, yonke into esezweni, ayilungile, yisifanekiso sokulungile.

92 Manje, isono uqobo lwaso singukulunga kuphela kuphendukezelwe. Manje, munye kuphela uMdali, nalowo nguNkulunkulu. NoSathane akasuye umdali. Ungumphendukezeli kuphela wokudaliweyo kwase kuqaleni. Amanga yiQiniso elibekwe ngokungesikho. Ukuphinga yisenzo esifanele sisetshenziswa kabi. Yonke into njalo iyimpendukezelo yalokho okufanele. USathane angaphendukezela kodwa angeke adala. Niyabo? Futhi—futhi siyakukhumbula lokho, ukuthi okungalungile, amanga, kumbe noma yini eyisono, ingukulunga kuphendukezelwe. Futhi ngakho sithola ukuthi uSathane njalo uthatha isifanekiso, ngalokho azokwenza, sisukela kulokho uNkulunkulu asekwenzile.

93 Isibonelo nje, njengabantu abaningi bebona umhlangano, bathi, "Kungukufunda umqondo. Noma, kuyi . . . Indoda

injalo, yayibizwa ngokuthini? USimoni, isanusi, ne—nento efana naleyo." Niyabo? Ngani? Uma ubona okhonza imimoya yabangasekho noma idemoni lisebenza, kuyimpendukezelo kuphela yento yangoqobo ngempela uNkulunkulu anayo. Kunjalo. Niyakubona na?

94 Namadoda abefanele ukuba, abefanele azi ngokwenele, nokuba ngawomoya ngokwenele, ukuba akwazi ukuhlukanisa phakathi kokulungile nokungalungile. Senake nezwa ngokhonza imimoya yabangasekho ekhipha amademoni, futhi—futhi ephilisa abagulayo, futhi eshumayela iVangeli na? "Futhi baziwa ngezithelo zabo." Niyabo? Banesitende esincane ngale ekhonini ndawondawo, bese befunda intende yesandla sakho, bese beqagela izinto ezine noma ezinhlanu, bese kuthi idazini lakho kube yiphutha. Futhi nakho lapho okhona, uyabo. Leyo yimpendukezelo, bezama ukudonsa imiqondo yabantu, lokho kuphuma kalula, kusuka entweni yangempela, uMoya oNgcwele wangokoqobo, lapho esihlala khona ndawonye ezindaweni zaseZulwini, noKristu embule kithi ukuthi yini esifanele siyenze.

95 Amabandla abefanele abe ngaleyondlela. Abantu okhuluma ngezilimi . . . Ngi—ngifuna nje ukukhuluma lokhu, ngoba nginguyihlo, njengoba kwakunjalo. Ngizokwenza njengalowo kulokhu ukusa. Niyabo? Sinento enkulu. Kodwa i—i . . . Ngikholwa ukuthi nje ayimelwe kahle. Niyabo? Futhi iyozithengisa yona uma ngokuphelele imelwe kahle. Manje, ngikholwa ukuthi kunamaningi alamaMethodisti, lamaBaptisti, nePresbyterian, angathanda ukuba naLokhu. Kodwa yindlela esiKwethula ngayo kuwo. Niyabo?

96 Manje, uma ubona umfo phandle akha indlu, futhi enesando futhi ufaka izipikili endlini. Wenyuke. Futhi unomshini ongafaka kuwo uhhafu womphongolwana wezipikili kuwo, "Drrii." Uyibethele nje phezulu kanjalo, ngokushesha okuphindwe kabili, nomsebenzi ongcono. Uma wenyukela kuye, umtshele, "A, wenzani? Uyifeshini endala. Awufuni ukwenza lokho. Leyo yindlela eyiphutha. Lapha, nginomshini ozokwenza lokhu." Ngokukhulu ukushesha, usukonile ukuthengisa kwakho. Nina bosomabhizinisi niyakwazi lokho. Senikonile ukuthengisa kwenu. Into okufanele uyenze ngukuba wenyuke bese uqhosha ngaye, ukuthi angakha kahle kanjani—kanjani, bese-ke nje uwethula umkhiqizo. Uma ukahle, uyozithengisa wona. Nina bathengisi niyakwazi lokho.

97 Futhi niyazi ayikho into engcono kunombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ayikho into engcono eyanikwa umuntu, ephuma eZulwini, ngaphandle kukaMoya oNgcwele. Kodwa, niyabo, si—sizama ukushaya omunye umfo simlahle phansi. Asizame ukuphakamisa kancanyana, bese simgaxa ngengalo yethu, futhi simvumele akwazi ukuthi ublankethe weluleka yonke indawo embhedeni. Niyabo? Bese sibamba lolohlobo

lwenkomfa, niyabo. Simnike indlwana, naye, kodwa empeleni u—uzabalazile.

98 Manje, kodwa, niyabo, izikhathi eziningi emabandleni ethu, sivumela abantu nje ukuba basukume ngisho nangenkathi ushumayela, bakhulume ngezilimi, futhi babizele ealtare, omunye akhulume ngezilimi, nomunye ukuba, futhi anikeze ukuhumusha. Nje, omunye wabo, ngiyakholwa, ngiyakholwa ukuthi umuntu ukhuluma ngezilimi ngokoqobo. Kodwa ngikholwa ukuthi omunye u, noma nje, eprofetha, ngoba, abanye bayokhuluma ngezilimi, mhlawumbe imizuzu emihlanu, nomunye anikeze amazwi amane okuhumusha. Niyabo? Kuzofanele kube sekuzwakaleni okufanayo, ukuphakama nokwehla kwephimbo okufanayo.

99 Bese kuthi-ke, futhi, uma bekusho, futhi kungafezeki, khona-ke ususe lowomoya omubi kuwe. Awukufuni lokho. Etabernakele lami, uma omunye ekhuluma kanjalo, kungcono abe nakho. Kubhalwe phansi. Uma kungafezeki, bayawukhipha lowomoya omubi kubo. Kuzofanele kube yikho ncamashi, hhayi ukuphindaphinda okuthize. UJesu wathi, "Ningathemelezi njengoba kwenza abezizwe." Kuzofanele kube yinto ethize ngqo kumuntu mumbe, noma ukusiza ibandla, noma ukusiza imbangela. Okubhalwe phansi ngqo. Futhi uma kunga . . . Nabantu abakhuluma ngezilimi, nalezo ziphiwo ezinkulu ukusiza umzimba kaKristu, bahlangana amahora ngaphambi kokuba size sifike lapho, noMoya oNgcwele usebenza ngabo. Bese-ke kubekwa phezu kwedeski, bese siyakuzwakalisa abakusho lapha. Futhi uma kungenzeki ngokuqinisile njengoba kuthe kwenzeka, khona-ke ngeke besakwenza lokho kuze kukhishwe lowomoya omubi kubo.

Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, lokho na?"

100 Awu, bukani. Futhi ngizofanele ngisukume lapha. Ngeke ngesaba, ngoba nguNkulunkulu. Kuzofanele kube ngokuqinisile, ngasosonke isikhathi, lapha. Futhi kuzofanele kube ngokuqinisile, phandle lapho, ngasosonke isikhathi. Manje-ke uma abantu bebona lezozinto zifezeka, khona-ke bazokholwa.

101 Okudingwa yibandla lePentecostal, kulokhu ukusa, yinkomfa enhle. Kunjalo impela. Wonke amahlelo, a—abakamunye, mbili, mthathu, mune, nathi sonke, nechurch of God, iAssemblies of God, sonke sihlangana bese sithetha indaba ngalezizinto, kunjalo, bese sihambisa ibandla.

102 Inqobo nje uma uSathane engasigcina sidubulana sodwa, uhlala aqhiyame nje futhi wathi, "Mfowethu, angidingi ngisho nokuthi ngilwe."

103 Kodwa uma besingahlangana nje ndawonye, bese sibheka phezulu kuNkulunkulu, njengabazalwane, bese sithatha isinyathelo, sihloma, sihlangene. Awudingi ukuba ushintshe,

nomunye aye ebandleni elilodwa. Futhi nenze nge—ngendlela enifuna ukwenza ngayo. Leyomehluko emincane eniyenzayo ayisiwo mehluko empeleni. UNkulunkulu unipha nonke uMoya oNgcwele. Ngakho iBhayibheli lathi, "UNkulunkulu upha labo uMoya oNgcwele oMlalelayo." Ngakho qiniso ukhona olalele uNkulunkulu.

104 Kodwa into, inqobo nje uma uSathane engagcina imehluko emincane, yilokho okwenza ibandla libe sesiyaluyalwini esinje njengoba sinjalo namuhla. Asikhohlwe yileyonto bese sihlangana.

105 Khumbulani, omunye umfowethu ukuKristu kakhulu impela nje njengoba sinjalo. Akukho madoda amakhulu, akukho madoda amancane, akukho abangaphezulu. Singabantwana. Simunye kuKristu. Nemehluko yethu emincane akwenzi mehluko. Noma ngabe uBecky ufuna ingubo eluhlaza-sibhakabhaka, noSarah ufuna ebomvu, bobabili bathola izingubo. Lokho—lokho . . . Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngakho abafanele baphikisane ngalokho. Ngakho ngicabanga ukuthi yilokho ngempela esi—sifanele sikwenze.

106 Manje, ngikhuluma ngezinkomfa zezwe, esikhathi esiyingozi sezwe. Niyazi, uNkulunkulu ubenezinye izinkomfa, futhi. Sicabanga ngePerisi, neGeneva, naMane Amakhulu, nezinye izinkomfa ezinkulu. Ake sicabange ngezinye izinkomfa manje uNkulunkulu owayenazo, okungukuthi lezi zaziyizifanekiso ezisuka kuzo, zalezo uNkulunkulu abenazo.

107 Ngi—ngicabanga ukuthi inkomfa yokuqala, engingacabanga ngayo manje, ukukhuluma ngokomBhalo, ngizoyibiza ngenkomfa yaseEdeni likaNkulunkulu. "UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, uNkulunkulu wamdala ngomfanekiso waKhe; Wabadala owesilisa nowesifazane." Babengabantwana baKhe abathandekayo. Futhi babebekwe phezu kwezisekelo zokuzikhethela.

108 Umphiki-nkolo omdala uthe, izikhathi eziningi, "Kungani uNkulunkulu olungileyo enze into enjengaleyo, futhi waba nabo bonke ubuhlungu obuhambe unyaka wonke na?"

109 UNkulunkulu akakwenzanga lokho. Umuntu wenze lokho, qobo lwakhe. UNkulunkulu wayengathandi ukuba yena enze lokho.

110 "Awu manje-ke, uma uNkulunkulu wayengonamandla onke, Wayekuvumelelani ngisho ukuba kwenzeke na? Akamenzanga ngani umuntu aphelele na?"

111 Ngoba, ekuqaleni kwakungekho lutho kodwa uNkulunkulu. Futhi kuNkulunkulu kwakukhona izingxenye ezingehlukaniseki, ingxenye yaKhe engahlukaniseki ukuba abe nguMsindisi. Siyazi ukuthi kunjalo. UnguMsindisi, nalokho kwakukuYe. Futhi kwakungekho lutho olulahlekileyo, ukuba lusindiswe. KuYe kwakuyizingxenye ezingehlukaniseki zokuba

nguBaba, futhi kwakungekho lutho Ayengaba ngubaba kulo. KuYe kwakuyizingxenye ezingahlukaniseki zokuba ngumphilisi. Kwakungekho lutho olulahlekileyo, lutho olugulayo. Ngakho into kuphela Ayengayenza kwakungukwenza umuntu phezu kwezisekelo zokuzikhethela, azi ukuthi wayezokwenza. UNkulunkulu akakwenzanga, qobo lwaKhe. Kwenziwe ngumuntu, qobo lwakhe.

112 Futhi ningendlela efanayo kulokhu kusa. Ningakwemukela ukuPhila noma nikwale ukuPhila. Kodwa uNkulunkulu wenza umuntu kanje, ukuthi wayezo. . . azi ukuthi wayezokwenza, engathandi ukuthi ufanele akwenze, kodwa azi ukuthi wayezokwenza, ukuthi kwakuzoveza obala izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki. Ngakho ayikho into ephume esikhathini. Yonke into ishaya nje ncamashi ngokwewashi elikhulu likaNkulunkulu. Niyabo? Nalokhu kuphela kuveza obala izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki, ukuqoka abantwana baKhe abaMthanda ngempela futhi abaMkholwayo. Futhi wonke umuntu unelungelo elilinganayo.

113 UNkulunkulu engongenasiphelo, wazi kusukela ekuqaleni ukuthi ubani oyokwenza nokuthi ubani ongayikukwenza. Ngakho ngakho-ke Wayengathandi ukuba namunye. . . Kodwa engongenasiphelo Wayezodingeka azi. Ngakho, ngakho-ke, Wakwazi ukuba asho ukuthi Wayezoba neBandla elingenabala noma mbimbi, ngoba Wayazi ukuthi Wayezoba nalo. UnguNkulunkulu.

114 Manje, nalendawo ethandekayo ensimini yaseEdeni, o, lapho abesilisa nabesifazane babehlala ndawonye. UNkulunkulu ungusonkontileka omkhulu.

115 Manje, ninenqwaba yayo lapha eTucson, njengoba yakha. Eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi ngilapha, idolobha elincanyanyana nje. Futhi manje, enhla lapho engihlala khona, ngani, amankentshana amakoyote namaPapagos kwakudabula lapho ngenkathi ngilapha eminyakeni embalwa edlule. Futhi manje kukhona. . . Ngani, yimiklamo emikhulu, nezindlu, futhi bakha bephuma, bephuma, bephuma, bephuma. Awu, kwenzekani na? Niyabo, osonkontileka bengena futhi bethenga isiqephu somhlaba, futhi bayicaze, futhi bakhe izindlu.

116 Manje, uNkulunkulu wakwenza lokho. Niyabo? We—Wendlala yonke impahla yokwakha, ukwenza imizimba yethu, ngenkathi lelizwe lisabunjwa. Manje, senziwe ngezakhimzimba eziyishumi nesithupha, leso isakhimzimba ipothashi, nesakhimzimba ikhalisyamu, nesakhimzimba ipetroliyamu, nokukhanya komhlaba nezulu, nokunye nokunye. Nakho konke lokhu kuhamba ndawonye ukwenza umuntu. Kodwa lokho kwakulapha ngaphambi kokuba kube khona umuntu emhlabeni. Niyabo? UNkulunkulu wenza imizimba yethu wayesendlala impahla yokwakha lapha umhlaba ungakabibikho.

117 Manje, nilethwa kukho futhi nifika lapha ngoNkulunkulu. Futhi manje ninethuba lokuphila Phakade uma nikhetha kanjalo. Yilokho impela uAdamu noEva ababenakho. Konke . . . UNkulunkulu angeguquke. Uzofanele ahlale efana, anike wonke umuntu ithuba elifanayo.

118 Manje sithola ukuthi, uNkulunkulu, kwaMthokozisa ngenkathi Enza umuntu. Wabuka indodakazi yaKhe—yaKhe nendodana yaKhe, futhi Wayethokoze kanjani ngabo. Futhi manje-ke sithola ukuthi, kwathi nje uAdamu noEva bangona, nomlayezo wenyukela phambi kukaNkulunkulu, uBaba wethu, "Umntanakho uwile emseni. Usukile kuWe." He, kufanele ukuthi lokho kwayishaqisa kanjani inhliziyo yaKhe!

119 Futhi manje qaphelani imvelo. Ngenkathi uAdamu eseqonda ukuthi wayelahlekile, ngenkathi azi ukuthi wayenze iphutha futhi labonakaliswa phambi kwakhe, ukuthi wayesephutheni. Esikhundleni sokubiza, "O Baba, woza kimi; ngilahlekile; ngenze iphutha; ngikhohlisiwe; woza kimi," wacasha.

120 Futhi kwakunguNkulunkulu, ehla enyuka nensimu, edazuluka, "Adamu, ukuphi na?"

121 Lokho akufani yini namhlanje na? Ungakhombisa abantu, ngeZwi likaNkulunkulu, ngenkathi ehlulekile. Kunjalo impela. UAdamu wazi ukuthi wayehlulekile. Wayehlulekile eZwini likaNkulunkulu.

122 Futhi niyakhumbula, akuthathi yonke inqwaba. Niyakwazi okwabangela konke lokhu kugula, nayo yonke lenkathazo, nokufa, nosizi, lweminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha na? Ngoba owesifazane oyedwa wehluleka nje ukukholwa lesisenzeko esincane, umkhakha omncane weZwi likaNkulunkulu, okukodwa okuncane ncuncu. Wakholwa okuningi impela kwakho. USathane wamtshela iQiniso ngokuningi impela kwaLo. "Lezizinto uyozenza, na*lokhu*." Wayesethi-ke, "Impela awuyikufa nokufa."

123 Kodwa nje ukukholwa ngokungesikho okukodwa okuncane ncuncu, kwabangela yonke lenkathazo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nicabanga ukuthi ukukholwa ngokungesikho okukodwa okuncuncu kuyokubuyisela emuva, emva kokuba sekubangele konke lokhu na? ["Qhabo."] Qhabo, mnumzane.

124 Sifanele size eZwini. Yileyonto kuphela, naLowo nguNkulunkulu. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu."

125 Futhi, niyabo, ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu, ngenkathi Eqala ukufukama phezu komhlaba, kwavela, njengezimbali zePhasika, kuvela utshani, kuvela izinhlobo, ziphakama ziyaphezulu phezulu. UMoya oNgcwele omkhulu, ufukama! Noma, *ukufukama* kuchaza "ukuba ngumama, ukhala." "Ee, ee." Kuvela izimbali. UBaba wathi, "Lokho

kuyamangalisa. Kuqhube nje." Futhi Wafukamela. Futhi emva kwesikhashana, kuphuma izinyoni. Nento elandelayo, kuphuma izilwane. Wayelokhu eya ngokuba mkhulu, ngokuba mkhulu, ngokuba mkhulu, ngokuba mkhulu.

126 Futhi, ekugcineni, umhlaba wabonisa ukuboniswa kwaKhe owayefukama: uNkulunkulu. Futhi wayesemfanekisweni kaNkulunkulu. Ayizange noma yini enye ifike iphakame ukwedlula owesilisa, ngisho nakodadewethu abathandekayo, owesifazane. Akekho kokudaliweyo kwase kuqaleni. Ungumkhiqizo ovele kamuva wowesilisa, ingxenye yakhe; futhi bamunye, kuKristu. O, isifundo esikhulu kanje pho esinaso lapha phambi kwethu ngqo manje, ebesingachitha amahora kuso, siphose ukukhanya phezu kwaso! Qaphelani.

127 Manje sithola ukuthi, khona-ke, ngenkathi lomuntu ebonisa uNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu wehla ekubonisweni kwaKhe uqobo, ngesimo soMuntu, uJesu Kristu. NoNkulunkulu wayekuKristu. UNkulunkulu, kuKristu, ezibonisa Yena uqobo emhlabeni, Ayeyikho: uMsindisi, uNkulunkulu, uMphilisi. UNkulunkulu, eveza obala izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki zangempela, ngoMuntu, okwakungukuboniswa kwaKhe. Futhi uNkulunkulu, ukuze athole lokhu, wayengeke afike ngocansi, kuqala olwaqala ukugingqa ibhola, kodwa Wakuletha ngokuzala kwentombi.

128 Anikuboni lokho, lesosono sokuqala, sasiyini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Abaningi ngeke bavumelana nalokho, futhi umpompoloza ngokuthi "inzalo yenyoka enobuqili," kodwa nanso. Niyabo?

129 Manje, ukubonisa, uNkulunkulu ezibonisa Yena uqobo kuKristu. Kodwa manje-ke ngenkathi lomuntu elahleka . . .

130 Namhlanje, uma umuntu ekhonjiswa, ngeZwi, ukuthi akafanele enze lezizinto, ngezinye izikhathi wethembekile ebandleni.

131 Uma bekhona ababangani bami angamaKatolika lapha kulokhu ukusa, ngiyaxolisa ngalokhu umzuzwana nje. Abantu bami bonke bayiKatolika nabo, niyazi, iRoma eliKatolika.

132 Manje qaphelani. Ngenkathi lompristi efika kimi, ngokuphilisa okuningi okukhulu, wayesethi, "Imuva lakho yiKatolika. Kungani ungesilo iKatolika na?"

Ngathi, "Ngiyikatolika."

Wayesethi, "O, ngingekukholwe lokho."

133 Ngathi, "Ibandla lakho alifundisi yini ukuthi leliBhayibheli, ukuthi uJesu Kristu wasungula ibandla lokuqala lekatolika, nalababaphostoli babeyikatolika na?"

"Yebo."

Ngathi, "Manje-ke ngiyakukholwa nje abakubhalayo."

134 Wathi, "Kodwa, Mnu. Branham," wathi, "ibandla lilokhu lishintsha. Wanika uPetru igunya lokuba—lokuba nezihluthulelo, futhi angabopha, nokulandelana kwabaphostoli kophapha, kanjalonjalo."

135 Ngathi, "Nginayo yonke imibhalo yenu, noma iningi layo impela, phakathi lapho, *Amaqiniso OkuKholwa Kwethu*, kanjalonjalo. Kodwa," ngathi, "buka. Uma lawomadoda aloba leloBhayibheli, ahambisana noJesu, uthi ayeyikatolika futhi aloba leloBhayibheli, awucabangi ukuthi ayeyokwazi kakhulu ngentando kaNkulunkulu, nemiyalo kaNkulunkulu, kunalokho lesisigejane sesimodeni ebesingakwenza namhlanje na?" Ngase ngithi, "Qaphela, uma kuyiBandla, manje-ke ngenkathi belalela okwakushiwo nguNkulunkulu, ngokwase kuqaleni, futhi yiZwi likaNkulunkulu, buka izimangaliso nezibonakaliso, kanjalo njalo, ababenazo. Futhi aninazo nhlobo, namhlanje. Kungubufakazi obubonakalayo bokuthi uNkulunkulu akanani."

Wathi, "Mnu. Branham, asifanele siphikisane."

136 Ngathi, "Mnumzane, ngingephikisane namuntu. Ngikubuza into ethize nje." Ngase-ke ngiphakamisa uMkhandlu waseNayisiya kanjalo kanjalo.

137 Wathi, "Asifanele siphikisane." Wathi, "Uzama ukukhuluma ngeBhayibheli, ngeZwi." Wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe. Yilokho ibandla *elaliyikho*. *Yilokhu* eseliyikho namhlanje. Sifanele ukulalela ibandla namhlanje."

Ngathi, "UNkulunkulu useZwini laKhe."

Wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe."

138 Ngathi, "UseZwini laKhe. Futhi uma iZwi lingekho ebandleni, khona-ke uNkulunkulu akekho ebandleni, ngoba iZwi nguNkulunkulu." Ngase ngithi, "Ngaphandle kwalokho, uyayikholwa iApocalypse na?" Okuchaza ukuthi, "Izambulo." IsiGreki. "Uyakholwa ukuthi iApocalypse iphefumulelwe na?"

Wathi, "Impela."

139 Ngathi, "Manje-ke, uJesu Kristu washo, qobo lwaKhe, kwi Apocalypse, ukuthi, 'Oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.' Pho ungasho kanjani ukuthi unegunya lokususa, ufake, noma wenze noma yini oyifunayo, ube unqatshelwe ukukwenza ngomsunguli weBandla lamaKristu, uJesu Kristu na? Ungeke wakwenza." Uyabo?

140 O, ihora, isikhathi esikhulu kakhulu esiphila kuso! Futhi uma amadoda itshelwa ngokweduka kwawo, esikhundleni sokuzama ukubuya bese ethi, "Baba, nginephutha; ngithethelele," asalokhu ecasha emva kwamaqabunga omkhiwane. Amaqabunga omkhiwane yilokho athunge akuhlanganisa, wona uqobo. Futhi azama uku. . .Igama elithi

*inkolo* lichaza ukuthi "isembozo." Futhi azama ukuzenzela isembozo esenziwe ngesandla. Futhi umuntu akakashintshi namanje, namhlanje.

141 Ngakho, uNkulunkulu wadingeka abize inkomfa. Futhi Wayedingeka ahlangane nomuntu waKhe, umntwana waKhe.

142 Futhi khumbulani, imiyalo yaKhe kwakungukuthi, "Mhla udla kuwo, ufa ngalolosuku." NoNkulunkulu angeyedelele imithetho yaKhe uqobo futhi abe ngolungileyo. Ngakho Wenza igebe elikhulu phakathi kwaKhe nomuntu. Ngakho ngenkathi be...

143 Wayefuna ukuhlenga umntwana waKhe. Wayengafuni bahambe kanjalo, ngakho Wadingeka amhlenge. Ngakho babiza inkomfa, futhi kwakuyinkomfa yokuqala uNkulunkulu ake ahlangana nayo nomuntu, kwakuyinkomfa yaseEdeni.

144 Uzomsindisa kanjani lowomuntu na? Yini Angayenza, ukubuyisela kuYe abantwana baKhe abalahlekileyo na? Futhi khumbulani, isinqumo saKhe sokuqala siphelele, njalo.

145 Ukuba kwakukade kuyizivumokholo, amaqabunga omkhiwane, Wayeyothi, "Adamu, wenze ngokufanele. Phuma emva kwemithi. Ngicabanga ukuthi uyindoda ehlakaniphileyo. Ubonisa Mina kuwe, ngoba uhlakaniphile. Amaqabunga akho omkhiwane lilungile nje." Umuntu usalokhu ezama leloqabunga lomkhiwane.

146 Kodwa uNkulunkulu wenza isinqumo. Nesinqumo sasingukuthi, ukuthi, kukhona into okwakudingeka ife, ngoba yayikhuluma ngaYe, ubungcwele baKhe nokulunga, eMthethweni waKhe uQobo. "Mhla udla kulowo, uyafa." Futhi kwakufanele kubekhona isibambiso esinomuzwa. Impilo yesayense yezithombo ezimilayo ayinamuzwa. Ngakho wadingeka abulale into ethize ukuze athole izikhumba, ukuba mboza. Naleso kwakuyisinqumo sikaNkulunkulu, ukuthi amsindise kanjani umuntu, ukubuyisela umuntu enhlanganyelweni naYe, eEdeni, futhi selokhu kwahlala kungaleyondlela kuze kube phakade. Akukho muntu...

147 Angazi ukuthi kukangaki ukuthi bazame ukufundisa umuntu imfundo. Bazame ukumtshela ukuthi uhlelo lwemfundo luzokwenza. Akuzame kangaki amabandla lokho na? Kwehluleke ngazo zonke izikhathi, futhi kuyohluleka. Sizama ukuhlela, umfo ngamunye une...Manje, angiphambene nemfundo, kanjalo futhi angiphambene nenhlangano. Kodwa yinhlangano nezinhlelo zemfundo, nakho konke okunye esinakho okwenziwe ngumuntu, ngamaqabunga omkhiwane.

148 Kungukuthi, kubuyelwe esinqumweni sikaNkulunkulu sasekuqaleni kuleyonkomfa yokuqala, eEdeni, kubuyelwe egazini! IJuda, ezinsukwini zakudala...

Manje ngehlela ekhaya, okwePhentekoste, okwemizuzu embalwa nje.

149 Ngezinsuku zakudala, ngenkathi uNkulunkulu emukela lesisibambiso, ukuthi iJuda lalivame ukwehla kanjani ngomgwaqo nenkunzi yalo ephapheme. Futhi lalithi, "Uyazi, ngiyisoni. UJehova ungidinga nginikele ngegazi." Ngakho liyahamba futhi lithatha iwundlu lalo noma inkunzi yalo. Liyehlisela kumpristi omkhulu, ezansi ethempelini, futhi libeka izandla zalo phezu kwalomhlatshelo walo. Kwenzani lokho na? Lokho kubandakanya umkhonzi nomhlatshelo wakhe. Nompristi uyeza futhi ubulala inkunzi, futhi ubamba igazi futhi ulifafaza phezu kwalo. Nalomkhonzi ngobuqotho azi, leliJuda, ukuthi yilokho uJehova ayekudinga kulo.

150 Umuntu waya ekhaya enokuzizwa ekahle, ezwa ukuqhaqhazela nokuvevezela kwalelowundlu, igazi lichinseka konke ezandleni zakhe, kanjalonjalo, futhi ebona lowomfo omncane ekhahlela futhi efa, lapho umqala wakhe unqunywa. Wayazi ukuthi wayefanele abe nguye lowo. Wayebuka umhlatshelo wakhe. Wayezibandakanya ngokubeka izandla zakhe phezu kwawo, "Bengifanele ngibe yilowo." Bese kuthi-ke ngenkathi benquma umqala walo, lona lifa futhi likhala, futhi liqhubeka, nomfo omncane eqhaqhazela futhi ethula, nomkhonzi ame lapho futhi ethi, "O Jehova, Wemukele lokho esikhundleni sami. Nginamahloni ngami." Nomuntu wayeya ekhaya elungisisiwe, ngoba wayekade enze khona impela uJehova ayekudinga. Lokho kwakukuhle.

151 Kodwa, masinya, kwaba yisiko lomndeni. Manje uthatha umhlatshelo wakhe, uthi, "Awu, asibone, manje. O, yebo, sekuzoba inyanga entsha, umkhosi. Ngiqagele kungcono ngikwenze. Kungukuhlanza, etaberanakele. Ngumkhosi wephentekoste. Ngiqagele kungcono ngehle, ngizinikelele ngewundlu." Ngiqhubeke ngehlele lapho futhi ngilibulale, engenakuzwa nhlobo; kodwa aqhubeke abuye nomqondo ofanayo abe nawo, engena lapho.

152 Wayesenzani-ke na? UJehova wathi, lapha kuIsaya, ekhuluma kamuvanyana, Wathi, "Imikhosi yenu emisiweyo iba yiphunga elibi ekhaleni laMi." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

153 Sifanele size, hhayi njengesigejane sezintekenteke nabanezifo ezithambisa amathambo. Sifanele size, hhayi isigejane sokugcina umthetho ngamehlo nje, noma okunjalo, abanakho namhlanje, balezizinkolo zamasiko. Singabephentekoste. Asize ngobuqotho obujulile, sibeke izandla zethu phezu koMhlatshelo wethu ngaleya eKalvari, futhi sizwe ukopha nobuhlungu bukaJesu Kristu, njengoba sizibandakanya ukuthi sifile ezintweni zezwe nalo imiqondo yesimanje yosuku.

154 Sinjenge Sodoma neGomora, futhi siphila kulokho. Makuthi umoya olungileyo kithi . . . Lezizono zizwisa ubuhlungu umphefumulo wethu nsukuzonke; sivumele izono zezwe, nezimfeshini zeHollywood, nabobonke lobubuvangeli beHollywood nombhedo, sonke lesisimo, nokushaya umculo, nokugxuma phansi phezulu. Umculo ume, wena ushona phansi.

155 Uma umuntu egezwe eGazini leWundlu, akawudingi umculo noma okunye futhi. Amandla kaNkulunkulu asebenza phezu kwakhe nje, futhi angamemeza, adazuluke, adumise uNkulunkulu, noma enze noma yini enye, noma ngabe ukhona umnyuziki noma qha. UMoya oNgcwele ukuye, futhi ubandakanywa kanye noJesu Kristu.

156 Kodwa, namhlanje, siyafuna nje. Sithi ukugxumagxuma kancanyana, njengamaPentecostal, ngoba okhokho bethu benza. Babanento yokuyigxumagxumela, loMoya oNgcwele ubagxumisa. Bese-ke kuthi ngenkathi sebebuya behla, njalo phila nje uphakame njengoba ugxuma. Uma ungakwenzi, ungagxumi nhlobo. Siyehla namhlanje futhi siphile zonke izinhlobo zezimpilo. Siletha ukubonisa phezu kwayo impela Into esiyimelayo.

157 Futhi izinhlangano zethu ziba ngokwezwe. Ziphumela lapho futhi zivumela abazalwane bethu abangamPentecostal baphumele lapho kulezizikole ezinkulu. Zilungile, akukho okuphambene nazo, kodwa ngizama kuphela ukukhombisa iphuzu. Babafundisa imfundo, nokubafundisa isayikholoji, ukusebenza kwengqondo futhi babanike uB.A. futhi nje njengoba kwenza bonke abanye, futhi abathumele lapho. Nalokho abayikho, ngokoqobo ba . . . Abasibo abephentekoste.

158 UNkulunkulu akanamadodana angabazukulu. UNkulunkulu unamadodana. Sizama ukucabanga ukuthi umama wayeyiphentekoste, nobabayi wethu wayeyiphentekoste, futhi sonke sakhuliswa kuSonto sikole, futhi ngokuzenzekalelayo sasingamapentecostal. Lowo ngabazukulu. UNkulunkulu akanabazukulu.

159 Unamadodana kaNkulunkulu namadodakazi kaNkulunkulu, futhi wonke umuntu ufanele akhokhe intengo efanayo umuntu wakuqala ayikhokha. Ufanele eze phansi kweGazi likaJesu Kristu elichithekileyo. Yilokho afanele akwenze. Manje siyathola, manje, lokho kuyilokho-ke, ekuqaleni, ubuqotho.

160 Manje sizama ukucabanga, ngoba sinomfo omncane lapha ofuna imfundo, uyaphuma uya ezikoleni nokunye nokunye, uphuma efundisiwe. Angakhuluma ngempela ngothandekayo. Angama emsamo. Uyindoda yobukhazikhazi. Awu, leyo yiHollywood. Bafuna into ethize ekhanyayo. Ufuna umuntu onempucuko, nemfundo ekahle. Ufuna umuntu, kungakhathaleki, onomqondo obanzi, ukuthi angabona

ukuthi akanandaba nabesifazane beguda izinwele zabo. IBhayibheli lasho ngaye ukuba angakwenzi. Akanandaba nge . . . Uma umdikoni efika ebandleni, uma eyindoda enhle futhi engakhokha kahle impela, abanendaba uma eganwe kazikathi ezithi azibe mbili. "Lokho kulungile. Ungumfo omuhle." Kodwa iBhayibheli liyakwala. Ngempela.

161 Asizi ebandleni ngesayense yezenkolo. Singena ngokuguqa ngamadolo. Kunjalo. Singena kuKristu.

162 Kodwa, niyabo, namhlanje sina—sinalomqondo ukuthi sifuna ukuhamba njengabo bonke abanye. Yilokho okwafaka uIsrayeli enkathazweni, sifuna ukuhamba njengabo bonke abanye. Umkhosi wethu omisiweyo wephentekoste usuphenduke nje waba ngukukhonza nokugcina umthetho ngamehlo nje. Sonke siyakwazi lokho. Futhi sikubona kufinyelela . . . Asifanele senze lokho.

163 Into esifanele siyenze ngukubuyela emuva bese sizibandakanya noJesu Kristu. Sithathe indlela yaKhe futhi siMdedele asebenze ngathi, khona-ke abantu bazoMlandela ngokujabula abake bafundiswa, "Ngiyakubadonsela bonke abantu kiMi."

164 Singathanda kanjani ukuqhubeka kancanyana, futhi sizwakalise enye into ngaleyonkomfa yase Edeni, kodwa ngisenenye futhi inkomfa engifuna ukuya kuyo.

165 Isibonelo nje, ake sibe nenye inkomfa: iNkomfa yaseSihlahleni esiVuthayo, ngizoyibiza, ngeSihlahla esiVuthayo.

166 Manje, uNkulunkulu wayenomprofethi obalekayo. Uma uNkulunkulu ebiza umuntu ukuba enze into ethize, angavele nje naye eze kuyo, kungenjalo uyoba lusizi zonke izinsuku zokuphila kwakhe. UMose waqala ukuphuma. Wabizwa nguNkulunkulu. Wawugcotshelwa umsebenzi. Kwase kuthi-ke ngenkathi eqala ukuphuma, abantu abamkholwanga, ngakho wavele wabadedela nje abantu bahamba. Waphuma wabaleka futhi waganwa yintombi ethize enhle engumEthopiya, futhi wathola ukudla ifa, wadla ifa lesixukwana sezimvu. Futhi wayelapho, phandle lapho, futhi walahlekelwa yiwo wonke umbono ngabantu, ngebandla likaNkulunkulu ophilayo. NoNkulunkulu wayemgcobele ukuba akwenze. Wamkhulisa, "uzalwa ezizalweni zikanina, umntwana omuhle," futhi Wamkhulisela lenhloso. Akukho sidingo sokuzama ukuphuma kukho, uzokwenza, noma kanjani.

167 Nani, malunga ebandla nje, futhi niyezwa ukuthi kunento ethize ejule kakhulu enhliziyweni yenu, nizoba ngowokuhawukelwa olusizi nize nemukele lowoKristu, kanjalo. Niwubonile uMoya oNgcwele wangoqobo ngempela usebenza kubantu. Niyoba lusizi uze uze kini. NguNkulunkulu ekubiza.

Zinikele. Phuma, emva kwezihlahla. Sekuvele kuxazululiwe. UNkulunkulu wenza indlela yaKhe. IngeGazi.

168 Wena uthi, "Awu, ngingowebandla." Lokho akusho nokunci kunokungaphezu kokuthi uma ungowomdlalo wokugibela, hhayi nokunci. Akukho okumelene nenhlangano; kodwa angimelene nabantu enhlanganweni, kodwa yinqubo.

169 Manje qaphelani lokhu. Manje sithola lesisihlahla esivuthayo. UNkulunkulu wayazi ukuthi lowomprofethi wayephila ngentokomalo, ngakho Wanquma ukuthi Wayezodingeka akhulume kulomprofethi. Ngakho, Waqoka indawo. Kwakukhona ukuphuthuma, "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi. Futhi kukhona indoda eNgiyithume ukuba iyobakhulula, futhi ibuthakathaka futhi ilula."

170 O Nkulunkulu, ngithemba ukuthi Ubiza eyodwa lapha kulokhu kusa, abefundisi ukuba bavuthe. Bukani umbono. Siyafa. Izwe alisekho. Ibandla selihlubukile. UNkulunkulu uzama ukubizela uMlobokazi ngaphandle.

171 Ngakho, Waqoka indawo, indawo eyinqaba kakhulu kithi; kwakuyisihlahla phezulu esiqongweni sentaba. Kodwa lokho kwaheha ukunaka komprofethi. Futhi Wambizela inkomfa phezulu lapho.

172 Bhekisisani. Wadingeka akulalele, izwi ngezwi. "Khumula izicathulo zakho, Mose. Umhlabathi omi kuwo ungcwele."

173 Ukuba uMose wathi, "Awu, manje, Nkosi, nje ngibe nokunye ukufunda esikoleni. *Ukuhlonipha* kungukuthi 'khumula isigqoko sakho,' ngakho ngizokhumula isigqoko sami"? Lokho kwakungeke neze kusebenze.

Ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Izichathulo," Wayeqonde izichathulo.

174 Ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Zalwa ngokusha," Wayeqonde ukuthi uzalwe ngokusha. Akaqonde khona ukuxhawulana noma ukuphindaphindwa kwesivumokholo. Wonke umuntu uyakwesaba lokho kuZalwa okusha.

175 Udeveli wabambisa ukuxhawulana ngaKho, noma olunye uhlobo lodaba oluphathelene nengqondo nezinto ezingaphatheki, obekungakwenza uvume, "Yebo, ngizalwe ngokusha." Kodwa impilo yakho iyakusho oyikho, impilo ekuwe.

176 Uthi uzalwa nguMoya kaNkulunkulu, futhi uphika iZwi elilodwa laleloBhayibheli, kukhombisa ukuthi awuzelwe. Uzama ukuLibeka emuva kwenye into ethize, lokho kukhombisa ukuthi bekungesiwo uMoya oNgcwele, ngoba Ubungeke neze uphike iZwi laKhe uQobo. Wena uthi, "Awu, ibandla lami lifundisa *lokho*." Lapho, kukhombisa ukuthi awunjalo. Uzalwa yibandla, hhayi nguNkulunkulu. *Lona* nguNkulunkulu, iZwi laKhe.

177 Nangu, uMose, ogcotshiwe. “Khumula izicathulo zakho. Usemhlabathini ongcwele.”

178 “Awu, isigqoko sami besingeke yini senze kahle nje naso na?” Wathi izicathulo. Futhi yilokho Ayekuqondile, kwakuyizicathulo.

UNkulunkulu wathi, “Zalwa ngokusha.” Kuqonde ukuthi zalwa ngokusha.

179 Manje lalelani. O, ngisesixukwini esixubile, nabantwana abasebasha. Kodwa beningamlalela udokotela wenu. Lalelani. Ngithemba ukuthi niyangilalela futhi niyaqonda.

180 Noma yikuphi ukuzala kungamahlaphahlapha. Anginandaba noma ngabe kusehhokweni lezingulube, noma—noma kusengumbini lasesibhedlela elihlotshiswe ngokuphinki. Noma yimaphi amahlaphahlapha . . . ukuzala kungamahlaphahlapha. Futhi kunjalo nokuZalwa okusha. Kungamahlaphahlapha. Kuyokwenza wenze izinto owawungacabangi ukuthi uyoke uzenze. Kodwa kulokho kufa nokubola kuvela ukuPhila.

181 Futhi akukho mbewu engaletha ukuphila kwayo ize ife futhi ibole. Futhi kulawomahlaphahlapha abolile, uma kungasekho lutho olunye olusele ukuyibolisa, ukuphila kuphela okuphilayo. Uma indodana iza kuNkulunkulu, inikwa izivivinyo.

182 Ngama lapho ngalolosuku, ngiyakhumbula, njengoba ngathatha ukuvivinywa kwami. Ngenkathi ngangikade nginezinsuku ngezinsuku, izinyanga ngezinyanga, neminyaka, iminyaka emine noma emihlanu emigwaqeni, amakhona, ngishumayela iVangeli, futhi ngizama ukwenza lokho okwakulungile emehlweni kaNkulunkulu. Futhi Wadedela umkami aphume ngqo phansi kwami. Ingane yami ilele lapho, ifa. Futhi ngehlela enganeni, ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, ungayivumeli ingane yami ife,” isishiyagalombili, izinyanga eziyishiyagalolunye ubudala, inganyana.

183 Ngabuka phezulu, futhi kwakubukeka njengeshidi elimnyama lehla. Wala ngisho nokungizwa. Wayengangibuki ngisho. Ngasukuma, cishe iminyaka engamashumi amabili-nantathu ubudala. Nakhu kulele inkosikazi emakhazeni. Wala ukungizwa, ngaye, ngenkathi sengenze konke. Ngathi, “Nkulunkulu, ngitshele ukuthi ngenzeni. Uma ngenze okungalungile, jezisa mina, hhayi bona.” Ngathi, “Ngenzeni na? Ngisebenza usuku lonke, futhi ngishumayela ubusuku bonke, futhi ngimi emakhoneni emigwaqo. Futhi zonke . . . Ngenzeni na? Ngitshele ukuthi ngenzeni na?” Wayengangitsheli ngisho.

184 Khona-ke uSathane ukhuphukela ngakimi. Wathi, “Manje-ke uzoMkholwa, lapho izwi elilodwa lingashintsha sonke isimo na? Izwi elilodwa lizosindisa ingane yakho, kodwa Uyala ukukwenza. Akayikukwenza; ngenkathi izwi elilodwa. Khona-ke uzoqhubeka futhi uMkhonze na?”

185 Konke ukuzindla komuntu, kunjalo. "Kungani ngifanele ngiMkhonze uma Engeke ngisho nje kakhulu nje abuke phansi enganeni yami, obekungathatha konke okukuthathayo na? Futhi okuningi njengoba ngicabange ukuthi ngiMenzele khona, manje-ke Akalaleli ngisho nengane yami uqobo." Lokho kwakungukulingwa okulukhuni kunakho konke. Yonke imizindlo yomuntu yase yehlukene. "Ngifanele ngiMkhonzeleni uma Engenakungenzela okungako na? Futhi ngihamba imini nobusuku, ngenzela Yena, futhi Wala ngisho nokungitshela ukuthi ngenzeni." Awu, imizindlo yomuntu isihambile.

186 Kodwa, o, uma umuntu ezelwe ngokusha, leyo yinto ethize ephakathi lapho ebambelelayo. Yehlela kuleyondawana, ngenkathi ngicabanga, "Ngayitholaphi na? Yavelaphi na? Ngiyini, empeleni na? Ngavelaphi na?" Niyabo? Yonke ingxenye yomuntu yayisihlukene, khona-ke lowoMoya kaNkulunkulu wangokoqobo ngempela wawulele lapho.

187 Ngaya ngale kuyo futhi ngabeka izandla zami ekhanda layo. Yayigula kabi kakhulu kwaze kwathi amehlo ayo amancane aphambana kanyekanye. Ngathi, "Sithandwa, emizuzwini embalwa, ngizokuthatha futhi ngikulalise ezingalweni zikamama, phandle lapho e—emakhazeni. Ngizokungcwaba phandle lapha phansi kwezihlahla zephayini. Futhi ngolunye usuku ubabayi uzokubona futhi."

188 Ngabuka phezulu. Ngathi, "Nkulunkulu, nakuba Ungibulala, nokho ngiyoKwethemba. Wamupha. Umthathile. Alibongwe iGama leNkosi."

189 Ngokuba, manje-ke, yonke imizindlo yami yobuntu yayisishabalele. Ngase ngisekugcineni komgwaqo wami. Kodwa uma usufika ekupheleni komgwaqo wakho, khona-ke nawo lowoMoya kaNkulunkulu wangempela lapho ukuba wengamele, ngalesosikhathi, futhi ukuphakamise.

190 Umelwe uzalwe ngokusha. Yonke into izofanele iphele nya. Yonke isayense yakho yezenkolo, konke ukucabanga kwakho, konke owake waba yikho noma oke ulindele ukuba yikho, impilo yakho nayo yonke enye into, iyaphela nya. Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele ungene. Kungaleyonkathi okhumula ngayo izigqoko, izicathulo, ume phambi kukaNkulunkulu. "Angilethi lutho ezingalweni zami. Ngibambelela kalula esiphambanweni saKho."

191 Yilapho uMose ayefanele afike khona, lapho ayengalalela khona uNkulunkulu owayethe akakwenze; iNkomfa yaseSihlahleni esiVuthayo. Khona-ke uNkulunkulu wathi, "Ngizokukhombisa inkazimulo yaMi manje," emva kokuba wayesevuma ukuhamba. Futhi wehlela eGibhithe.

192 Nanso inkomfa yaseEdeni. Nanso iNkomfa yaseSihlahleni esiVuthayo.

193 Asithathe enye, ngokukhulu ukushesha. Asithathe inkomfa yasoLwandle oluBomvu. Niyazi, emgqeni womsebenzi ngqo, ngezinye izikhathi, uSathane unqamula endleleni yethu yezinyawo. Bafowethu abangabefundisi, nonke niyakwazi lokho. MaKristu, niyakwazi lokho. Kunjalo.

194 Nangu uMose, ehla, futhi wakhombisa izibonakaliso kuIsrayeli; esisodwa akhombisa kubo esokuqala, futhi abalalelanga. Ubuyela emgqeni womsebenzi, phansi kogcobo lukaNkulunkulu, ngalo impela iphimbo likaNkulunkulu ukuba akhulume izinto ngisho nokuba zibekhona. Wayekwazi ukubiza izibawu. Wasebenzisa iphimbo likaNkulunkulu. Wathi, "Makufike izibawu." Futhi kwakungekho ngisho nesibawu ezweni. Wabuyela emuva. Wayazi ukuthi kwakuzokwenzeka ngoba wayekhulume iZwi likaNkulunkulu. Wabuyela emuva. Futhi khona manjalo isibawu esidala esiluhlaza siqala ukushaya indingilizi, kwase kuthi-ke zaba amaphawondi amabili iyadi eliyisikwele.

195 Umsebenzi onokudala, osebandleni likaJesu Kristu namhlanje, phansi kweGazi likaJesu Kristu, ngeZwi laKhe, ukuthi sisekuxhumaneni naYe. Akukho mehluko. IZwi esilizwayo lilapha, futhi linguNkulunkulu. SiMbona emi lapho. Siyazi ukuthi nguYe ekhuluma kithi, into efanayo. Ngikubonile kwenziwa, futhi ngiyazi ukuthi kuqinisile. Kuhambisana neBhayibheli.

196 Lapho, uMose, enikwe igunya. Wehla wayesekhombisa izibonakaliso kuIsrayeli, noIsrayeli uphuma naye. Futhi nampa, emgqeni womsebenzi ngqo, futhi nanto uLwandle oluBomvu lubanqamula. UMose wabiza inkomfa. Kufanele ukuthi uNkulunkulu waqoka indawo ngale emva kweDwala. UMose uya laphaya, futhi uthi, "Nkosi!"

197 Uma uhamba emgqeni womsebenzi, unelungelo lokubiza inkomfa. Yilokho esizela ukukukhulekela. Yilokho esikuthunyelelwe esibhedlela. Yingakho sifanele siye embhedeni wabagulayo. Sibize inkomfa. O, he! Ngizizwa nginokholo khona manje. Sibize inkomfa. Yilokho abantu bePentecostal akudingayo namhlanje, ngukubiza inkomfa. Yini indaba na? Senyuke ngokunensa. Kukhona isigaxa ekamu ndawondawo. Bizani inkomfa.

198 UMose wabiza inkomfa, wathi, "Nkosi, ngenze nje njengoba Wangitshela, futhi lapha sisogibeni. Ukufa kuyeza, kuhamba phezu kwethu." Njengesiguli sinomdlavuza, "Ukufa kuhamba phezu kwethu." NoMose wama lapho baze baba nengxoxiswano noNkulunkulu. Wahlala lapho uNkulunkulu waze wakhuluma. Wayelazi iphimbo laKhe. Wayengumprofethi.

199 Wathi, "Ukhalelani kiMi, Mose na? Ngikunika igunya ukuba uwelise labobantu lapho, futhi ngakutshela ukuthi uyokwenza. Khuluma kubantu futhi uye phambili." Amen. ULwandle

oluBomvu luqala ukugudluka, nayo yonke eny'into, ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma iZwi. Ngenkathi isinqumo sifikela lokho sakhe ukuba akwenze.

"Ngilapha. Ngimelene nakho. Ngifanele ngenzenjani na?"

"Khuluma bese uya phambili." NoLwandle oluBomvu lwagudluka.

200 Isikhathi sethu siyabaleka. Futhi ngi—ngineziningi kakhulu, izindawo ezehlukene, engithanda ukubhekisela kuzo. Asisheshise. Ngisenokunye okuningana, uDavide, kanjalokanjalo.

201 Kodwa lapha, khumbulani, kwakukhona inkomfa yaseGetsemane efikayo ngesinye isikhathi, ngenkathi uNkulunkulu neNdodana yaKhe babefanele bahlangane ndawonye. Empeleni, wayengekho omunye futhi owayengafela izono zezwe. Kwakungekho-muntu owayekufanele ukufa, kungekho-muntu.

202 Wonk'umuntu kulelizwe wazalwa ngesifiso sokocansi, futhi yilokho okwabangela isiyaluyalu ekuqaleni. Yilokho okusenzile, kwasenza isidalwa esibhasteliwe. Sazalwa ngocansi, isifiso somuntu. Ngokubhasteliwe. Into ethize ibi . . . Yingaleso sizathu kunokufa kukho, njengoba ngikhulumile izolo ebusuku. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu waKhe wokuqala, Akazange acele owesifazane nowesilisa ukuba bahlangane ndawonye. Wamdala ngomhlabathi. Wayeyisithombo sangokoqobo. Isono sakhe yisona esamletha ekubhasteleni.

203 Yileyo indaba namhlanje, isizathu sithola amaPentecostal amaningi kakhulu abhasteliwe. Nilalela emzindlweni futhi esikhundleni seZwi. Buyani, bantu. Buyani.

204 Qaphelani, phandle lapho ezixukwini ezixubile, angikushongo lokhu. Kuphakathi kwenu, nina maPentecostal nihlezi lapha, nathi. Asizi lapha ukuba sizwiwe. Ngiza lapha ukuzama ukusiza. Ngiyeza. Uma ngi—uma nje ngimi lapha, ukuba ngi—ngithi ngikhulume ngendaba ethize kulokhu ukusa, lokho kungenza umzenzisi. Ngiza lapha neQiniso, neqiniso engifuna nilazi, into engikholwa ukuthi uNkulunkulu uyibeka phezu kwenhliziyo yami, ukunisiza, ukuthi singalibona ihora esiphila kulo. Niyabo?

205 Kunenkomfa yaseGetsemane, ngenkathi okunguYena kuphela owayengafa enyukela ehoreni. Manje-ke ngenkathi lesosikhathi esikhulu sifika, lapho Wayefanele enze isinqumo saKhe sokugcina. Akungabazeki uBaba wathi, "Usakulungele ukuhamba wedlule nakho, Ndodana na?"

206 Wathi, "Kungenzeka yini, Baba, ngabe ukhona omunye umuntu othize Obungamthola ndawondawo na? Ngiyabathanda abantu baMi. Ngiyabathanda abazalwane ONgipha bona.

Kungenzeka yini ukuthi omunye umuntu othize ubengakwenza na?"

207 "Qhabo. NguWe kuphela ongakwenza. NguWe kuphela ozalwa yintombi. NguWe kuphela ozalwe ngaphandle kocansi." Akekho omuny'umuntu, akukho-mbhishobhi, akukho-phapha, akukho-sikhulu sesonto lamaloma, akukho lutho olungakusiza. YiLowo. "NguWe kuphela ongakwenza." Khona-ke inkomfa yabakhona.

208 USathane wayemi lapho, elungele ukusibiza ngesakhe isintu. Wathi wayenamalungelo ngoba babonile.

209 Njengoba nina bantu olapha, ube namateyipu eziMpawini eziyisiKhombisa. Ngenkathi iWundlu liphuma ukuba libize ukuhlenga kwaLo, Elalikuhlengile, isikhathi sase siphelile-ke. Lisemsebenzini manje, lenza umsebenzi wokuhlenga. Kodwa ngoluny'usuku Lihamba lisuka endaweni engcwele, ukuba lidumele iNcwadi yokuhlengwa Eliyithenge ngeGazi laLo uQobo, khona-ke isikhathi asisekho. Liyaphuma-ke ukubiza lokho Elikuhlengile.

210 Lalilapha, limi eGetsemane, lokho kuzwa ubuhlungu okukhulu. Isono sawo wonke umuntu sasiphezu kwaLo. Yonke into eyake yafa, ukufa kwaleyo kwabekwa phezu kwaLo. Futhi Lalingenacala, kodwa Lalifanele libe isono.

211 "Ungakwenza Wena, Ndodana kaNkulunkulu engcwele, uthathe isono sokuphinga na? Ungasithatha isono, isijeziso sokuphinga na? Ungasithatha isono, isijeziso samanga na? Ungasithatha isono sazo zonke lezizinto na? Futhi Ungazithwala phezu kwaKho uqobo, nokho ungenacala na?" LaliyiLo kuphela. Inkomfa kwahlangabezwana nayo.

Lathini na? "Kungabi yintando yaMi; makwenziwe eyaKho."

212 O Nkulunkulu, sonke singayishaya inkomfa yaseGetsemane, lokho kuhlola kokugcina na?

213 Manje-ke nakho kufika enye inkomfa ngesikhathi esisodwa. Izinsuku ezimbalwa emva kwaleyo, cishe izinsuku ezingamashumi amane, nakho kufika inkomfa, emva kokufa kwaLo, ukumbelwa, nokwenyuka. IBandla lamaKristu lalizohlelwa.

214 AmaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, sonke, lalelani manje umzuzu nje, sengivala.

215 Nakho kufika isikhathi ngenkathi uNkulunkulu wayengezukuthatha kuphela abantu . . .

216 Njengokuthi, uIsrayeli ungabantu baKhe. "UIsrayeli uyosindiswa njengesizwe," iBhayibheli lasho njalo, "sizalwe ngosuku." UNkulunkulu usebenzana noIsrayeli njenge p- . . . sizwe, njenga—njengabantu.

217 Kodwa Usebenzana, iBandla, ngomuntu ngamunye. "Ubizile, kwabeZizwe, abantu beGama laKhe."

218 Manje, sithola ukuthi ihora liyafika manje. LeliBandla lifanele liphathwe kanjani na? Babenqatshelwe, nakuba babeshumayelile, nakuba babephilisile . . . Ngilaleleni. Nakuba yena, babeshumayelile, nakuba babephilisile, nakuba babebone izibonakaliso ezinkulu nezimanga, futhi nakuba babengufakazi ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, nokho Wabenqabela ukuba bashumayele baze ukuba sebebambe lenkomfa. "Nilinde phezulu lapho emzini waseJerusalema. Ngizonithumela izwi nginiphendule ukuthi ibandla lamaKristu lifanele lisetshenziswe kanjani. Ngizonazisa uma Ngizoba nombhishobhi, noma isikhulu sesonto lamaloma, noma uphapha, kumbe noma ngabe yini eNgizoba nayo. Ngizonithumela emuva. Ngiya eZulwini, ukuyobamba inkomfa. Nizolinda lapho nize nizwe izimpendulo ezibuyayo." Amen. Amen.

219 Ngiyakhumbula ngenkathi babebambe leyonkomfa yaseGeneva, umngane wami omdala ongumfundisi, uDok. Pettigrew, eLouisville, wathi wayelalele emsakazweni, elalele. Isizwe sasisengozini. Wayefuna ukubona ukuthi isinqumo sasiyini, ukuthi babezokwenzani. Nomunye umshayi ufika emnyango, nezinwele zakhe zilenga ebusweni bakhe, wayesethi, "Dok. Pettigrew, ngiyaqonda ukuthi uyi . . . leyo indoda ethonyanayo." Wathi, "Mina, nginamaculo athize okuzibinya. A—abantu ngeke bangilalele. Uma nje uzonginika ukufukula okuncane!"

220 Wathi, "Ndodana, yima phandle lapho kancanyana nje." Wathi, "Ngi—ngilalele ukuba ngibone ukuthi izimpendulo ezibuyayo izoba yini."

221 Wathi, "Kodwa, Dok. Pettigrew," wathi, "lena yinto enkulu." Wathi, "Lokhu kusho lukhulu kimi." Njengoba kwakusho noma yini engaphezulu kunokuzwa izimpendulo ezibuyayo ezivela eNkomfeni yaMane Amakhulu na?

222 Yingaleyondlela abantu abayiyo namhlanje. Omunye umshayi omncane, enye into ethize, ngegama le—lenkolo ufika ngapha futhi azame ukuheha ukunaka kwenu ekuzweni iziMpendulo ezibuyayo zangempela. Mm! Abanye abancane abasazitabane, abangakho mqoka, osonkolo (uma likhona igama elinjalo ukulisebenzisa), bethola amalunga amaningi nabantu abangcono, bethola ibandla elikhulu ngokuthe xaxa nokulandela okukhulu ngokuthe xaxa, bezama ukuheha ukunaka kwenu, bazalwane. Ningabalaleli. SineziMpendulo ezibuyayo zilotshwe zakhishelwa *Lapha*.

223 Leyo kwakuyinkomfa yephentekoste. Wathi, "Ningaliculi elinye iculo, ningalishumayeli elinye izwi, kodwa yenyukelani lapho bese nilinda kuze kuphele lenkomfa. Ngizonithumelela

emuva iziNdaba. Ngizonitshela ukuthi ubani omkhulu kunabo bonke phakathi kwethu. Ngizonitshela impela ukuthi nizokwenzani; noma ngabe nizoba nenhlangano, noma ngabe nizoba nophapha, noma umbhishobhi, kumbe noma ubani enifanele ukuba naye. Ngizonitshela ngakho. Kodwa lindani nize nizwe iziMpendulo ezibuyayo. Siya eZulwini, ukunquma into."

224 "Futhi Wenyukela Phezulu, wathumba abathunjiweyo, wahlala phansi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, wayesebuya ethumela iziphiwo kubantu." Kwase kuthi-ke ngenkathi uSuku lwePhentekoste selufike ngokugcwele, babekade belindile.

225 O, ukuba kwakukade, ukuba ke—ukuba uAndreya wayekade ethe, cishe emva kwezinsuku eziyisithupha, "Niyazi, bazalwane, ngikholwa ukuthi asidingeki ukuba sibe sisalinda. Ngikholwa ukuthi, ngokukholwa, siyayemukela inkonzo yethu. Sifanele siqhubekele phambili, siqale ukuphuma ngqo bese siqala enkonzweni yethu, khona manje."

226 Yileyo inkathazo ngomfundisi omningi. Akahlali lapho kade ngokwenele, aze ezwe iMpendulo ebuyayo, aze ezwe ukuthunywa kwakhe.

227 Awu, niyazi, mhlawumbe kwakungabakhona elinye igama, uFiliphu, wayengenyuka, athi, "Niyazi, kade ngizwa ngithe ukuba kahle. Empeleni, sinokwazi kwalokhu, ukuthi Ufuna ukwenzani."

228 Lokho kungahle kubenjalo, bazalwane. Ningahle nibe no B.A., iD.D., iL.L., iQ.U.S.T., futhi ngeke kusho lutho. Ukwazi kwenu akusho lutho. Onke amakholiji ezenkolo enu awasho lutho nje. Nifanele nilinde iziMpendulo ezibuyayo, ukubona ukuthi uNkulunkulu wathini. Futhi akukho muntu onelungelo lokushumayela iVangeli ngaphandle kokuhlangana, ukuqala ukuhlangana noJesu Kristu njengoMuntu, hhayi njengenye isayense yenzenkolo, isayense yenzenkolo. Awu, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, esinye isiqu sesayense yezenkolo. Isiqu sesayense yezenkolo, akanalungelo lokukwenza phezu kwalokho, akunandaba ukuthi angaKuchaza kangakanani. Lokho akusikho.

229 NjengoMose nje. Owayekwazi ukufundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha. Wayeyindoda ehlakaniphe kunabo bonke ezweni, kodwa wadingeka aye enkomfeni noNkulunkulu. Futhi akekho owesilisa onelungelo lokuzisho ukuthi ungumKristu, akekho owesifazane, akukho mntwana, akukho mshumayeli, ikakhulukazi, kuze kuthi yena uqobo usefike phezu kwaleso izihlabathi ezingcwele lapho ahlangana khona noNkulunkulu. Bonke osiyazi bezenkolo ezweni, bonke abaphikinkolo ezweni, ngeke bakuchaza lokho bakususe kuye. Wayelapho. Kwenzeka. Kwenzeka kuye. Uyazi lapho ami khona.

Lapho, baya oSukwini lwePhentekoste.

230 Futhi asiyibonanga i—i. . .Manje, angi. . .Ngenza nje ukuzwakalisa. Asikuboni lapha, lapho umbhishobhi enyukela emgwaqeni nojosaka wakhe esandleni sakhe, futhi wathi, "Manje, ngithunywe yiNkosi. Ngifuna ukubeka izandla phezu kwenu bazalwene futhi nginithume." Lokho ngukulandisa kwakho kuka 1963, umbhishobhi nesitafu sakhe.

231 Awu, sicabanga ngabo. Ake sikuthathe ngezinhlonipho ezifanele kubangani bethu abangamaKatolika. Ake sithi nakho kwenyuka umpristi ngomgwaqo, nezimiso zokugcina, okubizwa kanjalo. "Khipha ulimu lwakho bese uthatha isinkwa esilucwecwana oluyindingilizana, futhi mina ngizophuza iwayini. Futhi manje-ke uzoba yilunga." Ukuba lokho kwakukade kunjalo, kwakuyoba sendaweni yokuqala.

232 UNkulunkulu ungongenasiphelo. Isinqumo saKhe sinjengoba sasinjalo nje ensimini yaseEdeni. Yena, isinqumo saKhe sokuqala, siyakuxazulula.

233 Awu, benzani na? Balinda, futhi balinda, futhi abeneliswanga. Balinda, kwaze kwathi, "Kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla. Yona yagcwalisa indlu yonke abahlezi kuyo. Izilimi ezahlukeneyo zahlala phezu kwabo, kungathi ezoMlilo. Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, futhi baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela."

234 Isigejane samagwala esasesaba ubuvangeli, isigejane samagwala esasesaba ukubhekana nesithunzi nomuntu odumileyo wedolobha nabagxeki bezenkolo, sasiphandle emgwaqeni, sifakaza, "Lokhu yiLokho." Leso kwakuyisinqumo sikaNkulunkulu.

235 Izinsuku ezimbalwa emva kwalokho, amaSamariya. UFiliphu wayehlile futhi washumayela kuwo futhi wawabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, nakuba uMoya oNgcwele wayengakehleli nakoyedwa wawo. Ngakho, athumela enhla kuPetru ase emehlisa. Ayazi ukuthi ayenokujabula okukhulu. Ayejabule futhi ethokoza, futhi ayekade enesikhathi esikhulu. Futhi ayekade enokuphilisa okuningi nazo zonke izinto.

236 Manje, Nazaretha, Pilgrim Holiness, bazalwane beMethodisti, lalelani. Ukuphilisa akusikho. Ukujabula akusikho. Yisehlakalo. NguMoya oNgcwele, uKristu qobo lwaKhe, engena kini, njengoMuntu.

237 Athumela enhla ase ethola uPetru noJohane abehla base bebeka izandla zabo phezu kwawo, noMoya oNgcwele wafika phezu kwawo. EZenzweni 10:49 sithola ukuthi uPetru, esakhuluma nabeZizwe, "Kwathi uPetru esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela kubo abaLizwayo. Ngokuba babezwa bekhuluma ngezilimi, futhi bedumisa uNkulunkulu. Wayesethi uPetru, 'Singanqaba yini namanzi,

sibona laba use—usemukele uMoya oNgcwele njengoba nathi senza ekuqaleni na?'"

238 UPawulu, ekhuluma nesigejane samaBaptisti, eZenzweni 19, wedlula ngasemikhawulweni yaseEfesu. Ufumana abafundi abathize. Babejabulile. Babekade benomshumayeli omkhulu oyiBaptisti lapho, ogama linguApolo. Futhi wayeyisazimthetho esiphendukile. Wayesethi, "Wayefakazisa ngeBhayibheli, ukuthi uJesu wayenguKristu."

239 NoAkwila noPrisila, abenzi bamathende noPawulu, bathi, "Umzalweni wethu uPawulu usenzani lapho etilongweni." Akusiyo indawo ethize yokuba umshumayeli abekuyo na? Wayesetilongweni ngoba wakhipha udeveli kumbhuli. Wayesethi, "Yena, usetilongweni, kodwa uzosivakashela masinya, futhi uzochaza iZwi likaNkulunkulu kini, ngokuphelele kakhulu."

240 Futhi babenesikhathi esimnandi, njengoba onke amaBaptisti amahle enza, ememeza, edumisa uNkulunkulu, enokuphilisa okuningi, nezibonakaliso, kanjalonjalo.

241 Kodwa ngenkathi uPawulu enyuka futhi wabalalela, umphostoli, wathi, "Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?" Babecabanga ukuthi babenaWo. Niyabo? "Lokhu nakholwayo na?" Siyacabanga, uma sikholwa sinaWo. Lokho kuyiphutha. Wathi, "Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

Bathi, "Asazi ukuthi ubayini, kumbe noma ngabe Ukhona."

Wathi, "Nabhaphathizelwa kukuphi na?"

Bathi, "KuJohane."

Wathi, "Lokho ngeke kusasebenza. Nifanele niphinde nibhaphathizwe."

242 Ngakho, wababhaphathiza eGameni likaJesu Kristu. Wabeka izandla zakhe phezu kwabo, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, base bekhuluma ngezilimi futhi badumisa uNkulunkulu. Kanjani na? Njengoba nje benza ekuqaleni. Indlela efanayo yokwenza yenziwa.

243 Uma udokotela ebhala isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, ungavumeli noyedwa walabo somakhemisi abangowaka bazame ukuxovaxova ngaso. Bakunika okuningi kakhulu okulwa nesifo, ngeke kusize. Futhi uma befaka uphoyizeni omningi kakhulu, uyokubulala.

244 Ungadlali ngendlela kaNkulunkulu yokwenza. Yenze ngendlela eyayiyo enkomfeni. Lokho kwakuyiziYalo. Amen. NgiyaMthanda.

245 Kungikhumbuza ngabazali bakaJesu. Benyukela emkhosini ephentekoste. Endleleni sebebuya bathola. Babekade

beyizinsuku ezintathu noma ezine, futhi abaMtholanga phakathi kwabo. Baqala ukumangala.

246 Lokho kuthi akube ngaleyondlela okuyiyo manje. Amabandla aqala ukuthola, "Kwenzekani ngoJesu na? Kwenzekeni na? SingamaPentecostal, kodwa kwenzekeni na? SingamaMethodisti, kodwa kwenzekeni na? Kwenzekani ngoJesu na?"

Baqala ukubheka phakathi kwezihlobo zabo.

247 Yilokho esiqala ukukucabanga. "Wathini uMoody na? Wathini uSankey na? Wathini uFinney na?" Lolo kwakulusuku lwabo. Sisenhla emgwaqeni. Uma siqala ukufunisisa emuva, njengoba benza!

248 Baya ezihlontsheni zabo futhi abaMtholanga. Baya kuzozonke izihlobo zabo, ababhishobhi, kanjalo kanjalo. BabengaMtholi. Ekugcineni, baMthola lapho abaMshiya khona nje. BaMshiyaphi na? Emkhosini wephentekoste. Babefanele bahambe yonke indlela bebuyele lapho abaMshiya khona, ngaphambi kokuba baMthole.

249 Futhi, bandla, yilokho esifanele sikwenze, sibuyele lapho esaMshiya khona. Sisuke kwamanye amasiko ethu. Sibuyele lapho esaMshiya khona. Niyafuna ukwazi lapho enaMshiya khona na? Yibani nenkomfa encane yeBhayibheli futhi nje ningancengi, nje khulumani iQiniso.

250 Sizolinda manje size sibone ukuthi kwakunjani. Akukho babhishobhi, akukho lutho, uMoya oNgcwele nje owawufanele uhole iBandla. YilowoMholi kuphela esinaye nguMoya oNgcwele, futhi Uhola ngokweZwi.

251 Uma uthi, "Awu, nginoMoya oNgcwele," futhi uphika iZwi; khona-ke akusiwo uMoya oNgcwele, ngoba uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli. Kunjalo. Ngakho, akusiwo uMoya oNgcwele.

252 Lalelani. Ekuvaleni. Ezinkomfeni zezwe, benzani na? Badla ndawonye. Baxoxa ndawonye. Baqophisana ndawonye. Bayakhohlisana, enkomfeni yezwe, inkomfa yezwe, yezizwe.

253 Kodwa ini, uma uNkulunkulu ebiza inkomfa, kwenzekani na? Bahlangana ndawonye. Abadli idili, kodwa bazila ukudla. Abaqophisani, kodwa bayakhuleka. Balinda baze bathole iziyalo, futhi bahambe bayephambili.

254 Yilokho ibandla elikudingayo namhlanje, ngukuya phambili, uthole iziYalo. Futhi uthi, "Ngingazithola kanjani iziYalo na?" *Nazi* lapha. *Lesi* yiziYalo. "Wazi kanjani, Mfowethu Branham na?" Indlela uNkulunkulu aqala ngayo ukuhlengwa yayingegazi, futhi Akasoze ayiguqula, uma uNkulunkulu enza isinqumo. Yingalesosizathu ungabambelelisa umphefumulo wakho kuleloBhayibheli, wonke umkhakha eLiwushoyo, ngoba YiZwi likaNkulunkulu.

255 Futhi uNkulunkulu, engongenasiphelo, angeke Athi, "Awu, Nganginephutha, eminyakeni eyedlule eyizinkulungwane ezimbili." UNkulunkulu ungoPhakade. Akaze aqale. Akasoze aphela.

256 Futhi indlela kuphela ongake ubenjangaYe yiba yingxenye yaKhe. NgoSuku lwePhentekoste . . .

257 LeyoNsika yoMlilo enkulu eyayilandele uIsrayeli, noma uIsrayeli wayelandele Yona ehlane, niyabo, leyoNsika yoMlilo enkulu yayinguNkulunkulu, iNgelosi yesivumelwano, uJesu Kristu. "UMose ethi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyimfuyo enkulu kunaleyo yaseGibhithe, ngakho washiya iGibhithe futhi walandela uKristu."

258 Qaphelani, ngoSuku lwePhentekoste, wenzani uNkulunkulu na? Uthathe leyoNsika yoMlilo enkulu wase eYihlukanisa. Lowo kwakunguYe uqobo. Izilimi zoMlilo, izilimi ezisamfologo, izilimi ezehlukeneyo, zehla, izilimi ezisamfologo, zase zihlala phezu kwalowo nalowo.

259 O, kanti besingafanele sibe namahloni, ukuvumela izinhlangano zethu zisehlukanise! Kanti, uNkulunkulu wazehlukanisa Yena uqobo phakathi kwethu, ukuze sibe munye. "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi." Uyakuzwa lokho, mfowethu nodadewethu na? UNkulunkulu wazehlukanisa Yena uqobo. Asihlukene neze, omunye nomunye, ngoba siyizingxenye zikaNkulunkulu.

260 Vumelani nje loMlilo uze kuloMlilo, futhi, emva kwesikhashana, nizothola, uzokususa lokho. Ufike wedlula kuLuther, uWesley, iPhentekoste. Futhi tholani, isivivane sizovalwa phezulu, ngolunye lwalezizinsuku.

261 Niyazi, asizange sivalwe phezulu, isivivane kwingemuva ledola lenu. "Uphawu olukhulu," lisho njalo. Futhi thina eMelika, nantu uphawu lwaseMelika ngaku*leli* cala. Kodwa kwasho loni ukuthi, "Uphawu olukhulu," lolo uEnoke alwenzayo na? Akusizo izimfundiso zesivivane manje, ngoba angikholelwa kulolohlobo lwezinto. Kodwa abazange basivale phezulu isivivane. Ngani na? I—iTshe lokuvala phezulu lenqatshwa. Kodwa Liyofika futhi, suku lumbe. Ayidunyiswe iNkosi!

262 Futhi, niyabo, kulesosivivane, kade ngilapho. Silolongwe sasondela kakhulu ngangokuthi ungeke ngisho wakwazi ukufaka insingo yereyiza. Akukho semende phakathi kwaso. Sibekwe nje ndawonye ngokuphelele njengetshe elifanayo.

263 Futhi ngenkathi leloBandla lithola ukulolongelwa emfanekisweni ophelele kaJesu Kristu, Uyofika, avuse bonke abangcwele uma Efika, bese ebathatha kanye naYe. IBandla likaNkulunkulu ophilayo liyohlwithwa.

264 Kodwa, bazalwane, asizukufana noEva, omunye abe na*lokhu* nomunye abe na*lokho*, umzimba owonakele ubuhle. Kuyoba yizwi ngezwi, okushiwo nguNkulunkulu.

265 Nithi, "Mfowethu Branham, Wathini-ke na? Awukaze usitshele."

266 Kulungile. UPetru wakukhuluma. Ngenkathi befuna ukwazi, "Singena kanjani kulokhu na? Kwenzekeni na?" Wasinika indlela yokwenza.

267 Manje, uma athi, "Xhawulananani futhi nijoyine ibandla," yilokho okwakuyoba yikho. Futhi uma athi, "Yimani ngekhanda lenu," yilokho okwakungaba yikho. Wathi, "Sizohlela indoda enkulu, futhi senze umzimba omkhulu, nophapha omkhulu, nokukhulu *lokhu*, *lokho*," yileyondlela okwakuyoba ngayo.

268 Kodwa wathini na? "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelwa kwezono zenu, khona niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wenu eyakubabiza."

269 Futhi inqobo nje uma uNkulunkulu ebiza, kufanele kube ngendlela yokwenza efanayo. Hhayi ukuxhawulana, ukuphindaphinda isivumokholo; kodwa bhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, eMzimbeni kaJesu Kristu. Yileyondlela iBandla lamaKristu elifanele liphathwe ngayo. Hhayi ngezivumokholo, hhayi ngehlelo, hhayi ngemfundo, hhayi ngesayense yezenkolo; kodwa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuhola abesilisa nabesifazane. Futhi Akasoze akuhola akususe eZwini likaNkulunkulu. Uyokuholela ngqo eZwini likaNkulunkulu, ngoba "Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

270 Ninayo cishe emibili noma eminye imizuzu emithathu, emine na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nginenye inkomfa engingathanda ukunibizela kuyo. Nginayo ibhalwe lapha. Nje, "IZenzo 4," kuyasho. Ngiyazi ukuthi lokho kuchaza ukuthini.

271 IZenzo 4, emva kokuba abafundi beqala ukushumayela, amabandla aqala ukugxeka. Aqala ukubenza . . . Amabandla lathi, "Manje ake nime kancane. Ningaqhubeka futhi nenze izimangaliso zenu. Ningenza yonke lento, kodwa ningabe nisashumayela ngeGama likaJesu Kristu." Babashaya, nokubashaya imivimbo, nayo yonke enye into. Ngakho benzani na? Kwakufanele kube khona into eyenziwayo. Banqatshelwa. Umthetho uthi bangeke besashumayela ngalendlela.

272 O, mfowethu! Ngifisa sengathi nje benginesinye isikhathi futhi esincane. Isikhathi siyeza lapho okuphakathi kokuthi uzofaka inhlangano yakho eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, uzo . . . Uma wenza lokho, uthatha umfanekiso wesilo, ngoba unamandla njengoba kwakunjalo nje eRoma. Futhi uma

ungakwenzi, uyoba ngumuntu ngamunye, ibandla elizimele; futhi uma wenza, umfanekiso wesilo uzovala iminyango yakho, futhi uzonqatshelwa. Futhi manje-ke uzodinga inkomfa. Niyabo?

273 "Basitshela ukuthi singeke, sisakwenza. Singeke sashumayela ngeGama likaJesu. Asibuze uNkulunkulu futhi sithole noma singakwenza yini, noma qha." Ngakho bakhuphuka futhi baba nenkomfa. O, o, o, o! Ngiyaxolisa. Sidinga eyodwa enjengaleyo, kulokhu ukusa. "Ngabe kuhle ukuba thina silalele umuntu, noma uNkulunkulu na?" kwasho umphostoli. Babenenkomfa, ngalokho esinakho kulokhu ukusa. Futhi basukuma base benikeza, "I—i—ibandla lisitshela ukuthi singeke sashumayela ngaphandle uma siza eqenjini labo, kanjalonjalo. Futhi singeke saba na*lo*mfundisi ngaphandle uma inhlangano isho njalo. Futhi akunandaba ukuthi ligcotshwe kakhulu kangakanani, sizofanele senze *lokhu*, *lokho*." Futhi niyazi ukuthi kukanjani, iqembu ngalinye, kanjalonjalo. "Sizokwenzenjani na?"

274 Futhi babenenkomfa, futhi behla futhi baqala ukukhuleka. Leyo yinkomfa yeZenzo 4. "Futhi ngenkathi benza, bonke bekuzwana kunye, 'Nkosi, kungani abantu bacebe okuyize; noma abezizwe baxokozele, nabantu bacebe okuyize na? Yelula isandla soMntwana waKho oNgcwele uJesu, ukuphilisa abagulayo. Siyenqatshelwa ukuba senze lokhu.' Nabobonke bekhuleka ngakuzwana kunye."

275 Niyaxoxa, abanye abantu, bayasigxeka ngawo wonke umuntu ekhuleka ngesikhathi esifanayo. Wawungathanda kanjani ukuba kuleloqembu, "Bonke bekuzwana kunye"? Omunye wathi, "Angake akuzwe kanjani uNkulunkulu lokho na?" Mingaki imikhuleko ocabanga ukuthi Uyayizwa ngesikhathi esisodwa, empeleni na? Uyakhohlwa. Akasuye onesiphelo. Ungongenasiphelo. Niyabo?

276 "Futhi kwathi bonke sebekhulekile ngakuzwana kunye," iBhayibheli lathi, "indlu yazamazama ababehlezi kuyo bendawonye." Amen. IziMpendulo ezibuyayo ziyabuya. "Futhi baphuma beshumayela uJesu Kristu, ndawo zonke, uNkulunkulu esebenza nabo, eqinisa iZwi." Inkomfa yeZenzo 4.

277 O, mfowethu, umzuzu nje, kukhona enye inkomfa. Ningahle ningayethameli nayiyiphi yalezizinkomfa. Ningahle ukuba anizithamelanga lezizinkomfa zezwe. Khumbulani, ningahle ukuba anikwenzanga. Kodwa, khumbulani, kunenkomfa eyodwa, engizokhuluma ngayo manje, enizoyethamela. Angikhathali ukuthi ungubani, uzoyethamela. Ungahle uxolelwe, kuze kufike lesisikhathi, kodwa kusukela manje kuqhubeke awuxolelwe. Leyo yinkomfa ekwaHlulelweni. Kunjalo. Nonke nizoba lapho, sonke. Futhi sizozilanda ngalokho

esikwenzile futhi sakusho kulomhlaba. Leyo yinkomfa eyodwa enizoyethamela.

278 Njalo uma nizwa insimbi ekhalayo yehla ngomgwaqo, khumbulani, imaka wena. Awuzukuba lapha isikhathi eside kakhulu. Lapho ubona khona izinwele ezimpunga ziza, ukuqhotha kwamahlombe, ubona isibhedlela, amangcwaba, kuyini na? Ubufakazi, awukho lapha sonke isikhathi, futhi wenyukela kuleyonkomfa. Futhi sonke sizoba lapho.

279 Sizofanele sizilande ngalokho esikwenzile ngoJesu Kristu. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi Ungubani uJesu Kristu na? IZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu." "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

280 UNkulunkulu, esebenza ezimiselweni ezintathu zezikhathi, yingalesosizathu Akhuluma ngazo eMbiza ngo "Yise, Ndodana, noMoya oNgcwele." Niyabo? Hhayi oNkulunkulu abathathu abehlukene. Yilapho enithola khona ukuxoveka. Akusibo oNkulunkulu abathathu abehlukene. NguNkulunkulu oyedwa ezibonakalisweni ezintathu, niyabo, zika—zikaNkulunkulu oyedwa. SinoNkulunkulu oyedwa kuphela. Asisibo abahedeni. Niyabo? Kodwa si—sinoNkulunkulu oyedwa, kodwa izibonakaliso ezintathu. Yingaleso sizathu uMathewu athi, "Nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," ngoba, niyabo, WayeMunye. Lowo Nkulunkulu ofanayo: wayeseTestamenteni eLidala; wayenguNkulunkulu ofanayo owabonakaliswa; noNkulunkulu ofanayo olapha namhlanje. UJesu Kristu, ofanayo: uMose ashiya i—izwe eGibhithe; ofanayo ngaleyonkathi ube lapha namhlanje; naloWo ofanayo uyoba khona kuze kube phakade, uJesu Kristu. Futhi UyiZwi. Amen.

281 UNkulunkulu uzofanele ahlulele ibandla ngento ethize. UNkulunkulu uzofanele ahlulele izwe ngomgomo othize. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, uma Ezolehlulela ngebandla, liphi lona ibandla na? Uma Elehlulela ngeRoma eliKatolika, iGreki alisekho. Uma Elehlulela ngeGreki, iRoma alisekho. Uma Elehlulela ngeMethodisti, iBaptisti ayisekho. Uma Elehlulela ngeBaptisti, iMethodisti ayisekho; ngapha nangapha. Uma Elehlulela ngokaMunye, okaMbili akasekho. Uma Elehlulela ngokaMbili, okaMthathu akasekho. Uma Elehlulela ngokaMthathu, omabili awasekho. Nakho ke lapho enikhona. Kuyini na? Kuyini, bazalwane na? Isigejane sombhedo.

282 UNkulunkulu uzofanele abe nomgomo othize. Uma ngangidingeke ngijoyine ibandla, yilona liphi engangiyolijoyina na? LiNye kuphela, futhi awulijoyini Lelo.

283 Kade ngisemndenini wakwaBranham, iminyaka engamashumi amahlanu-nane, futhi angikaze ngiwujoyine umndeni. Ngazalwa nginguBranham. NginguBranham ngoba ubaba wami unguBranham.

284 Futhi ngingumKristu ngoba uBaba wami ungu—unguNkulunkulu. Amen. SingamaKristu phezu kwaleso sisekelo. SingamaKristu. Sizalwa nguMoya waKhe. NoMoya kaBaba wami, ukimi, nginezingxenye zikaNkulunkulu ezingehlukaniseki kimi, futhi ziziveza obala zona uqobo njengoba zenza eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu. Nakho lapho enikhona.

285 "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi. Hhayi nge...Inyama negazi akukwembulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulile. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi."

286 Uma uNkulunkulu ehlulela izwe ngebandla eliKatolika, iProtestane lilahlekile. Ulijoyina nga—ngamaProtestane, liphi lona? Ulehlulela ngebandla eliKatolika, kunamaningi amavuso ehlukene kwemikhakha yebandla eliKatolika, ngakho kuzoba yilona liphi na? Niyabo, umuntu ubengadideka. Ubungeke wazi ukuthi uzokwenzenjani.

287 Kodwa nakhu uNkulunkulu ayobehlulela ngakho, iZwi. Yilowo umgomo. "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze lehluleka." Phezu kwaLeli ngithatha isinqumo sami sokuma. Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo. Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.

> Ngima, kuKristu, iDwala eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.

288 Ngithembele kuLo. Angithembele kulokho engiyikho. Ngithembele kulokho Ayikho. Ngingeke, ngingeke ngaya eZulwini; uJesu wathi ngangifanele ukuba ngiphelele ukuze ngifinyelele Lapho. "Ngakho-ke manibe-ngabapheleleyo njengokuba ngisho noYihlo eZulwini." Ungaba kanjani na? Kodwa uma une...Ungabuki kuwe, kodwa eMhlatshelweni wakho.

289 Awu, uma umnyuzi omncane wazalwa ngesikhathi seTestamente eLidala. Wawunezindlebe eziphukile, namadolo ashayisanayo, namehlo ayizingxemu. Ngani, uyazi ukuthi uzothola ukushaywa ekhanda. Awulungile. Kodwa umama wayekwazi ukuwutshela, "Ndodana, wazalwa unobuzibulo. Ngenxa yokuthi wazalwa kanje, ngalendlela, uzophila. Kodwa lo okufelayo uzodingeka abe yiwundlu eliphelele, lizodingeka linikelwe ukuze ukwazi ukuphila." Iyokwephula intamo ye—ye—yehashi ukuba ubungalungile, futhi awulungile. Kodwa, niyabo, kodwa iwundlu eliphelele lizofanele life ukuze uphile.

290 Uma uthi awulungile, "Angifanele ukuphiliswa, Mfowethu Branham. Angifanele ukuza kuKristu." Ungazibuki wena. Buka uMhlatshelo wakho. Angilungile. Akukho lutho oluhle kimi, akukho ngisho nomcabango. Akukho lutho akukho okuhle, akukho lutho oluhle kuwe. Akukho namunye wethu ofanele noma yini kodwa isihogo. Kunjalo impela.

291 Kodwa, o, bukani ukuthi yini emele ukusimela. Bukani ukuthi yini emele ukusimela. Futhi *Nakhu* ukuPhila kwaKhe, kubhaliwe, kuzama ukubonakaliswa ngathi. Bese kuthi-ke, ngesinye isivumokholo esincane, siyaKwenqaba. O, sindinga inkomfa. Yebo.

292 Yingaleso sizathu ngingaya emsamo, ngingesabi ukuthi ikhona into ezoqubuka, futhi ezokwenzeka *ngale*ndlela, noma *ngaleyo*ndlela, noma kuzokwehluleka, noma into ethize ingahambi kahle. Qhabo. Ngibuka uMhlatshelo wami.

"Billy, wenzeni ngaleliviki na?"

293 Ngenze okwenele ukuba ngife, ngasho, ngehora. Mina, ngiyisoni, kwasekuqaleni nje. Kodwa ngibuka ukuthi Ubani onginika isithembiso. Ngibuka ukuthi Ubani owasho njalo, "Ungesabi. Yima lapho. Ngokuba wazalelwa lesisizathu. Ngakukhulisela lenhloso." Manje-ke bonke odeveli esihogweni angeke angenza ngigudluke. Ngimi lapha kuKristu, leloDwala eliqinile.

294 Noma yimuphi wenu niyamkhumbula uPaul Rader na? Iqhawe elikhulu likaNkulunkulu. Ngangisengumfanyana, ngihlezi ngasezinyaweni zakhe. Wafa, ngapha eCalifornia, kungekudala. Ngenkathi efa . . . Yena nomfowabo uLuke babenamathelene ndawonye, njengami nendodana yami lapha. Babehamba ndawonye, nje behambisana, njengomfowabo nomfowabo, njengoyise nendodana nje. NoPaul wafika ekupheleni komgwaqo.

295 IsiKhungo seBhayibheli sikaMoody sathumela osicula ngabane abancane ezansi lapho, ukuba bacule. Futhi babenezisitho zidonswe zonke, nezifiphazo zehlile, isibhedlela. NoLuke wayenohlobo oluthize lwe . . . Ngiqonde ukuthi, uPaul wayenamancoko, niyazi. Futhi waqalaza labo sicula ngabane abancane. Futhi babecula *Eduze Kakhulu Nawe Nkulunkulu Wami*. Wathi, "Ubani ofayo, mina noma nina na?" Wathi, "Phakamisani lawomakhethini lapho bese ningiculela amanye amnandi, amaculo eVangeli asheshisayo." Base becula.

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami
afela khona,
Phansi lapho ekuhlanzweni esonweni
ngakhala;
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa
khona;
Udumo eGameni laKhe.

296 Wathi, "Lokho kuzwakala kangcono." Wathi, "Uphi uLuke, lo owayenamathele eduze kwami ebuhleni nasebubini."

297 Wayengenakumbona umfowabo efa. Wayesegumbini elilandelayo. Bahamba bamlanda. UPaul waphakamisela isandla sakhe esikhulu kuLuke, noLuke wabamba isandla sakhe. Izinyembezi zehla esihlathini sakhe.

298 Wathi, "Luke, kucabange. Sekuyisikhathi eside sindawonye. Sithathe eningi inqwaba yameva, futhi sedlula emgodini omningi. Kodwa, kucabange, emizuzwini emihlanu kusukela manje ngizobe ngimi eBukhoneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe." Yilokho-ke.

299 UPaul ungitshelile. Wathi u...eseyinsizwa. Uvela eOregon. Wayengu—ngumsiki-mithi, futhi wayegawula imithi. Futhi wathi, ngenkathi wayengale kwesinye seziqhingi... Ngiyakhohlwa ukuthi kwakukuphi. ENingizimu Melika, kwakulapho-ke. Futhi wayesebenza umsebenzi wokuba yisithunywa senkolo lapho. Futhi wangenwa yilemfiva emnyama, imfiva yamanzi amanyama. Futhi, o, niyazi ukuthi lokho kuyini. Lokho ukufa, masinya. Emuva le emenweni, amamayela ukuya kudokotela.

300 UPaul wayeyikholwa elikhulu ekuphilisweni ngokobuNkulunkulu, njengoba nazi. Futhi ngakho manje-ke wa—watshela umkakhe, wathi...Babeya kudokotela. Wathi, "Angeke kwenze mehluko. Ngeke ngiphile kade kangako." Ngakho umkakhe...Wathi, "S'thandwa, yehlela lapha, eceleni kombhede, futhi ukhulume noDokotela wethu. AsiMbizele enkundleni."

301 Ngakho umkakhe uqala ukukhuleka, "Nkulunkulu, ungamvumeli umyeni wami othandekayo afe. Ulapha emasimini ezimishini enzela Wena. Ungamvumeli afe."

302 Imfiva idlobile, esangane, cishe, ehamba nje futhi eza. Wathi, "S'thandwa, kuya ngokuba mnyama ngokuba mnyama. Angeke ngihlale kade kodwa kancanyanyana." Wathi, "Yiba ulokhu ukhuleka, s'thandwa."

303 Futhi waquleka. Wathi waba nephupho. Wathi waphupha ukuthi wayebuyele eOregon, insizwa. Futhi wathi wayonobasi enkambini yokusaha amapulangwe. Wathi, "Paul, yenyuka, isiqongo segquma lapho, futhi ungiwisele isihlahla sosayizi othize futhi usilethe kimi."

Wathi, "Kulungile, basi."

304 Futhi wenyukela phezulu esiqongweni segquma, futhi wathi wayeyibona nje leyombazo. Niyazi, uma uqhubekela ngasenyakatho, ngani, ukhuni luba ngoluthambile; uma uqhubekela ngase ningizimu, lulukhuni kakhulu, ukhuni olufanayo. Ngakho, wenyukela lapho. Futhi wathi uqala ukubona imbazo ijula kakhulu, ucezu, esihlahleni, lapho ewisa

isihlahla. Wasixhoza, futhi wasilungisa. Waphisela imbazo esiqwini, phansi esiqwini sesihlahla, ingxenye enkulu; futhi wa, niyazi, ephakamisa, ukuba ahlanganise amadolo akhe, ukuluqukula. Wathi uyindoda eqinile. Niyamazi ukuthi uPaul wayenjani, emfishane, eqinile, indoda.

305 Ngakho wasiphakamisa isihlahla, futhi akakwazanga nje ukusiphakamisa. Wathi, "Ngazukuzisana futhi ngazama. Futhi ngezwa kanjalo...Ngangidingeka ngithathe lologodo ngilwehlisele lapho kubasi." Wathi, "Angikwazanga nje ukuluqukula." Wathi, "Ngasonta, ngadluthula futhi ngadonsa, futhi ngadluthula futhi ngadonsa," wathi, "kwaze kwathi amandla ami ayesephelile nje onke." Wayesethi, "Ngavele nje ngahlala phansi ngancika esihlahleni, futhi ngacabanga, 'Sengikhandleke kakhulu! Angisakwazi ngisho nokuphinde nginyakaze.'"

306 Wathi, "Khona manjalo ngezwa iphimbo elimnandi kunawo onke engake ngawezwa. Kwakungubasi wami. Futhi wathi, 'Paul, uluzabalazelela ini na?'"

307 Wathi, "Basi, kalula nje a—a—angikwazi ukuluqukula. Lukhulu kakhulu. Umthwalo mukhulu kakhulu kimi ukuba ngiwuthwale. Angikwazi ukube ngibe ngisaqhubekela phambili nalo."

308 Wathi, "Paul, kunomfudlana, ogeleza ngqo ngakuwe. Awuluphosi ngani nje emfudlaneni, bese ugxumela kulo bese ugibela wehle ngqo ngemigelezo engashoni na? Futhi lufika ngqo ngasekhempini."

Wathi, "Angizange ngicabange ngalokho."

309 Futhi ngenkathi eluphosa ngasemgelezweni ongashoni, wabuka emuva. NoBasi wakhe wayenguJesu. Futhi wathi wavele nje wagxumela egodweni, futhi washo wehla ehamba kwemigelezo engashoni, eklubhuza emanzini, empompoloza, "NgiLugibele! NgiLugibele! NgiLugibele!" Futhi wathi kuthi dwe kuye, futhi wayemi ngqo qekelele kwimaphakathi lephansi lendlu, ephakamisela izandla zombili emoyeni, ethi, "NgiLugibele! NgiLugibele! NgiLugibele!"

"Angilethi lutho ezingalweni zami. Ngibambelela kalula eZwini laKho!"

310 Mfowethu, dadewethu, ayikho into enhle kunoma yimuphi umuntu. Ayikho into enhle kunoma iyiphi enye into kodwa uJesu Kristu. Futhi ngigibele kuzo zonke izithembiso lapha kulokhu ukusa. Futhi suku lumbe ngibheke ukuba ngigibele eBukhoneni baKhe phezu kweGazi leNkosi uJesu Kristu.

Asikhothamise ikhanda lethu.

311 NgiLugibele. NgiLugibele. Hhayi phezu kwanoma yikuphi ukungeniswa kwami enhlanganweni, phezu kwehlelo lami, phezu kokuzenzisa kwami, kodwa ngigibele phezu kweZwi

likaNkulunkulu. Ngiyakukholwa lokho, ngeGazi likaJesu Kristu elilungileyo, suku lumbe ngiyoMbona. Ngiyoguqulwa futhi ngenziwe ngibe njengomzimba waKhe uqobo okhazimulayo. Ngiyoba semfanekisweni waKhe. NgiyoMbona njengoba Enjalo.

312 Njengoba ngibona iminyaka igaqa yenyuka, phezu kwami, izinwele zami ezincane enginazo, zibampunga, amahlombe ami eqhotha, angisenayo eminingi kakhulu. Iminyaka engamashumi amathathu nento kade ngisemva kwepulpiti. Ngifisa sengathi kuphela benginezimpilo eziyinkulungwane ebengingaMnikeza zona. Ngifisa sengathi kuphela ngabe benginayo. Ngiyabathanda abantu baKhe.

313 Yini eniyethembayo kulokhu ukusa na? Umsebenzi othize omuhle eniwenzile na? Ibandla elithize enikhonza kulo na? Ngabe ngempela nimi eZwini likaNkulunkulu na? Ngabe nibe naso ngempela isehlakalo na? Nizwile yini ukuthi . . . Nibenayo yini inkomfa yangasese noNkulunkulu, neziMpendulo ezibuyayo zabuya njengoba yenza ngosuku lwePhentekoste na? Hhayi okuthize okubambisayo, hhayi ukuxhawulana okuthize, ukuvuma kwengqondo okuthize, kodwa phezu koMlilo kaMoya oNgcwele uzongena empilweni yenu oshintsha konke enikwenzayo nenikushoyo na? Uma beningenakho lokho, ningaziphakamisa izandla zenu bese nithi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Angi . . . "? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. He, esandleni!

314 Nithini ngani, maPentecostal na? Abanye benu bantu, enaziyo, ukuthi nje—nje ngokwesiko niya ebandleni, futhi niyawuthanda umculo, futhi ni—ningaziphathisa okwephentekoste, kodwa, eqinisweni, phansi ekugcineni kwakho, uyazi ukuthi kukhona okushodayo. Uyazi kukhona okushodayo. Uma ukufuna ngempela, kulokhu ukusa, kulawa itafula lokudla kwase kuseni.

315 Niyazi, ngingahle ngingaphinde nginibone futhi kokunye ukudla kwase kuseni, kodwa ngifuna ukunibona ekudleni kwakuSihlwa uma sekuphele konke. Akaze nibe naso lesosehlakalo, ningasiphakamisa isandla senu, nithi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham. Manje ngifuna ukuba yi . . . "? UNkulunkulu akubusise. Kunjalo.

316 Wena uthi, "Ngabe ukuphakamisa isandla sami kukhona okukwenzayo na?" Uma ukusho ngempela, kuyakwenza. Uzokubona.

317 Manje, ngikholweni ukuthi ngiyinceku yaKhe. Abantu abaningi ungibize ngomprofethi. Angizisho ukuthi ngingumprofethi. Qhabo. Kodwa uma nikholwa ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kimi, ngilaleleni manje. Ngobuqotho, uma uphakamisa isandla sakho, kukholwe lokho, bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani kuwe. Manje, uma Ezongazisa ukuthi yini esenhliziyweni yakho, uma Engangitshela ukuthi

ukhuleke mayelana nani ungakasuki ekhaya, nokuthi wenzeni, amazwi owashilo, okwenze empilweni yakho, nokuthi ungubani, nokuthi uvelaphi, nokuthi kuzokwenzekani kuwe emva kwalokhu, futhi kuyenzeka, khona-ke ngempela Ukhuluma kimi manje.

318 Asenze lokhu kube yinkomfa kulokhu ukusa. Nithini ngakho, maMethodisti, maBaptisti, Presbyterian, maPentecostal, bakaMunye, bakaMbili, o, ichurch of God, iAssemblies of God, noma ngabe uyini? Asibe nenkomfa nje. Ake sibone ukuthi asiludingi yini uthando oluncane, komunye nomunye. Ake sibone ukuthi lokho kungeke yini kuthi ukuyelapha into, ukuba nje besinothando oluncane nezinhlonipho, kakhulu, komunye nomunye. Ningakwenza na? Kulungile.

319 Asibe nale efana neZenzo 4, futhi nivume yonke into eniyenzile engalungile. Futhi ngale kwetafula ngqo lapho okhona, lelo altare lapho esicele khona isibusiso, ealtare lomndeni, itafula lapho obonga khona uNkulunkulu ngesinkwa semihla ngemihla.

320 Futhi, khumbulani, uma nidla. Ngoba niyadla, kukhona into ethize ifanele ife, ukuze niphile, ngokomzimba. Benikwazi lokho na? Uma nidla inyama, isilwane sifile. Uma nidla isinkwa, ukolo ufile. Uma nidla uhlaza, uhlaza luyafa. Kuyisimo sokuphila. Nendlela kuphela eningayiphila, ngokomzimba, into ethize ifanele ife ukuze niphile ngokomzimba.

321 Akusiyo yini into nje, bangani, ukunikhombisa ukuthi amaqabunga omkhiwane nemiqondo eyenziwe ngumuntu akuyikusebenza na? Into ethize yafanele ife, ukuze niphile Phakade. Into ethize yafanele ife; hhayi ibandla, hhayi wena. Ngu, nguKristu, wafela nina. Kwemukeleni, nizokwemukela na?

322 Sisakhothamisa amakhanda ethu, ngamunye ugcina enhliziyweni yakho okudingayo. Size sibonane, kwangathi uNkulunkulu anganibusisa.

323 Baba waseZulwini, ngizibambile lezizithameli ezithandekayo zabantu. Ngoba, angazi. Uyazi, lesi kungahle kube yisikhathi sokugcina. Into eyodwa, Ungahle ufike ngaphambi kobusuku. Ungahle ufike ngaphambi kokuba ngikwazi ukubuya futhi. Yinye into eqinisekile: Uyeza. Ngingahle ngife. Ngingahle ngidingeke ngiwushiye umhlaba. Baningi phakathi lapha. Uma bengingafanele ngifike sekungunyaka namhlanje, kusukela kulolusuku, akungabazeki abantu lapha abangayi kuba lapha; sebemukile. Lesi yisikhathi sethu sokugcina, Nkosi, sizobonana. Abanye bethu phakathi lapha, siyazi, lokhu kuzoba ngukuhlangana kwethu kokugcina lapha emhlabeni. Ngokulandelayo ngihlangana nabo kuyoba lapho ekwaHlulelweni, futhi ngiyodingeka ngiphendule ngalokho engibatshele khona, njengomfundisi kulokhu ukusa.

Ngibabeke kuleloZwi, Baba. Yilokho kuphela engikwazi ukukwenza.

324 Manje kunabantu abaningi oshilo, kulenkomfa kulokhu ukusa, bafuna ukukuxoxisana naWe. Bayakwenza manje, Nkosi. Baphakamise izandla zabo. Bangofakazi ukuthi, ba—ba—ba, bakhathele, Nkosi. Bakhandlekile. Futhi bayazi ukuthi izinkomfa zezwe isiphelile.

325 Akusekho mathemba. Ngeke sakha lutho. Zonke izizwe sinawe atomu, ehayidrojini, namabhomu kaphoyizeni, nosomkhumbimkhathi, nayo yonke into, Nkosi. Umhlaba wonke uyavevezela futhi uyazamazama. Uzohlanzwa masinya nje, futhi ulungele isikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane. Uzozamazama, njengakho, ube yizicucu. Uyayendezela manje njengendoda edakiwe idiyazela iya ekhaya phakathi nobusuku, ebumnyameni. Awazi ukuthi uyaphi.

326 O Baba, kodwa kunesisekelo. Kunesiqiniseko, "Ngokuba simukela uMbuso ongayikuzanyazanyiswa." Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi ngamunye uzoshesha aye kulowoMbuso kulokhu ukusa, kuKristu Jesu. Babusise, Baba, njengoba bekhothamise amakhanda abo, izinhliziyo zabo zikhotheme. Balindele manje impendulo. Sisenkomfeni. Thumela wehlise impendulo njengamanje, Baba, kuwo wonke umuntu.

327 Abanye babo badinga insindiso. Abanye, isikhathi sabo sokuqala. Abanye o . . . Futhi ba—bazozikhohlwa nje izivumokholo zabo. Bona, bafuna ukuthola Lokho, ngendlela okwehla ngayo esikhathini sokuqala. Bafuna isinqumo saKho. Hhayi isinqumo sebandla, hhayi isinqumo esithize sesivumokholo; kodwa isinqumo seBhayibheli, isinqumo uNkulunkulu asenza eZenzweni 2, ngenkathi Ethumela uMoya oNgcwele noMlilo phezu kweBandla. Leso kwakuyisinqumo saKhe, ukuthi ibandla lifanele liphile kanjani, nokuthi bafanele benzeni. Babeke yonke enye into eceleni, Baba, silindela leso sinqumo. O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje futhi ubhaphathize wonke umuntu.

Sisakhothamise amakhanda ethu:

> Babesekamelweni eliphezulu,
> Bonke babenhliziyonye,
> Lapho uMoya oNgcwele wehla
> Owethenjiswa yiNkosi yethu.

Lelo yiZwi laKhe, isithembiso.

> O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,

Khulekani manje.

> O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
> O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
> Futhi ubhaphathize wonke umuntu.

> O Nkosi, thumela amandla aKho nje . . .

328 Ngibona abefundisi bejikisela abantu etafuleni, ukuba bakhuleke nabo. Nakho ke. "Amandla nje . . . "

329 Ningacabangi nje ukuthi simi lapha nje sixoxa. Ulapha. "O Nkosi . . . " Uma u . . . Ungabuki phezulu komunye umuntu. Vala amehlo akho bese ubuka kuYe, ngokukholwa. "Ubhaphathize wonke umuntu." Khumbulani.

Babesekamelweni eliphezulu,
Bonke babenhliziyonye,
Lapho uMoya oNgcwele wehla
Owethenjiswa yiNkosi yethu.

330 Nakhu lapha esikhona, zonke izivumokholo ezehlukene. "O Nkosi . . . " Sise—sisebunyeni manje, manje. Kholwani manje.

O Nkosi, thumela amandla aKho.

331 Bukani ukuthi Ubeza kanjani kithi kuleliviki. NaNgu, khona lapha manje, ngakuwe ngqo, uma nje uzokukholwa.

Manje, futhi ubhaphathize wonke umuntu.

O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
O Nkosi, thumela awaKho . . .

332 "NgiKunika inhliziyo yami, Nkosi. NgiKunika yonke into. Nasi isandla sami. Ngi—ngizehlukanisela Wena khona manje. Thumela amandla aKho phezu kwami njengamanje."

Futhi ubhaphathize wonke umuntu.

333 Futhi, "O Nkosi . . . " Liculeni lize libe ubumpela kini. Niyabo? Manje vala amehlo akho, vala inhliziyo yakho kubobonke ubuwula nakho konke ngaphandle.

. . . njengamanje,
O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
Futhi ubhaphathize wonke umuntu.

O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,

334 O, khulekani manje. NiMcele Wona. "Amandla njengamanje." O, vumani amaphutha enu.

Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
Futhi ubhaphathize wonke umuntu.

335 Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzohlanza zonke izinhliziyo. Sivuma izono zethu. Sivuma amaphutha ethu. Kade sinephutha, Nkosi, sonke, kanyekanye. Sonke sinecala. Sisilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu. O Nkulunkulu, Ungeke yini, ngesihawu nangokudabuka, ubuke phezu kwethu, Nkosi na? Singabantu abadingayo.

Futhi sibona umbono wokuZa kweNkosi;
Inyathela isivuno lapho isivini solaka sibekelelwe khona;
Idedele umbani omiselweyo ngenkemba yaYo esheshayo esabekayo;
IQiniso laYo, iBhayibheli, liqhubeka nokumasha liyaphambili, liqhubeka nokumasha liyaphambili.

336 Limasha phezu kwezivumokholo. Limasha phezu kwamahlelo. Limasha phezu kwayo yonke into. IQiniso laKho liqhubeka nokumasha liyaphambili.

Thumela amandla aKho njengamanje,
O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
Futhi ubhaphathize wonke umuntu.

O Nkosi, thumela lawomandla nje . . .

Ngiyakukholwa, Nkosi. Ngiyakukholwa.

O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
O Nkosi, thumela amandla aKho njengamanje,
Futhi ubhaphathize wonke umuntu.

337 Umculo usaqhubekela phambili, nawe ukhuleka. Manje, uma uhlanza inhliziyo yakho kuphume konke, konke kuyavunywa, ukubeke konke ngempela phezu kwealtare manje, manje UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwakho. Angakwenza kuphela, angakusiza kuphela njengoba ukukholwa. Uma uvume izono zakho, uma uvume amaphutha akho, uma wenze yonke into, wavuma ukuthi ubuyisenqeni kakhulu, noma ngabe uvume ini, manje sekubekwa phezu kwealtare lomhlatshelo. Manje beka izandla zakho phezu kukaJesu bese uyazibandakanya. Zibandakanye. Ngokukholwa, beka izandla zakho phezu kukaJesu. Bese kuthi-ke uma wenza, bheka phezulu kuYe bese uthi, "Ngiyakwemukela, Nkosi. NgiyaKukholwa manje."

Ngingakholwa, ngizokholwa, ngiyakholwa;
Ngingakholwa, ngizokholwa, ngiya . . .

Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho manje.

Ngingakholwa, ngizokholwa, ngiyakholwa
Ukuthi uJesu uyangisindisa manje.

338 O, usuyakukholwa manje, nomhlatshelo wakho phezu kwealtare, phezu kwealtare na? Okubeke phansi, yonke imehluko yakho, ukubeke phezu kwealtare. Manje, ngokukholwa, beka izandla zakho phezu koMhlatshelo wakho, uJesu, Ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ukukunxusela, phezu kokuvuma kwakho, ukuthi uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi Usekwemukele okunikele kuYe. Uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu usekwemukele okunikele kuYe kulokhu ukusa! "Ngikunika impilo yami, Nkosi. Kade ngibanda.

Kade nginganaki. Mina, ngenze izinto ebengingafanele ngizenze. Kodwa, kusukela kulelihora, ngifuna ukwenyuka ngisondele kakhulu kuWe. Futhi ngikholwa ukuthi ngiyakwemukela. Ngibeka izandla zami phezu kwaKho, njengoba ngenza ukuvuma kwami."

339 Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uwuzwile umkhuleko wenu na? ["Amen."] Uma nikholwa, phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu, nithi, "Ngikholwa ukuthi Uwuzwile umkhuleko wami. Ngenza ukuvuma kwami. Ngikholwa ukuthi Uyawuzwa umkhuleko wami. Manje ngizosukuma futhi ngikudumise ngaWo. NgizoKunika izibongo."

340 Sukuma ume ngezinyawo zakho manje, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKukholwa. Manje ngiKunika udumo ngokunginika isiqiniseko enhliziyweni yami."

341 Manje phakamisani izandla zenu nje futhi nidumise uNkulunkulu, ngendlela eyifeshini endala, ngendlela uNkulunkulu abengathanda nenze ngayo.

*IziNkomfa* ZUL63-0608
(Conferences)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni, ngoJuni 8, ngo 1963, wenzelwa ukudla kwase kuseni kweFull Gospel Business Men's Fellowship International eRamada Inn eTucson, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enobuzibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe nesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

